# UJEHOVA-JIRA

. . .?. . .kuyinhlanhla ngempela esinayo, kulobubusuku, ukungena eBukhoneni baKho, leloGama elenele konke leNkosi uJesu, iNdodana yaKho. Futhi manje sisondela esiHlalweni saKho sobukhosi somusa eGameni laKhe, sazi ukuthi Wena wethembisa uma siyocela noma yini eGameni laKhe, siyokwemukela. Sicela Wena ukuba uthathe ifa lethu kulobubusuku, Baba, lokukhuluma kwethu, ukuzwa kwethu, ukuqonda kwethu. Sikhulekela ukuthi Uzonikeza izibusiso kuwo wonke ongene ngaphakathi kuleminyango, kulobubusuku. Sivalele naWe, Baba.

2 Futhi asizikhulekeli thina kuphela lapha, kodwa umusa kulabo abasekudingeni umhlaba wonke jikelele. Ezinkundleni zezimishini, siyacabanga kulobubusuku, esakhiweni esikhulu esithandekayo njengalesi, esibonga ngaso, abagqoke kahle, abafudumele, nabantu abondleke kahle, nokucabanga emasimini ezimishini ukuthi amadoda kaNkulunkulu, engafake ipheya lezicathulo, edla ipuleti elilodwa lerayisi ngeviki, eshumayela iVangeli. O Nkulunkulu, ngikhulekela lawomadoda. Siza, O Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzowasiza, futhi amadoda angamaqhawe.

3 Sizokwenzenjani, njengoba sifunda eBhayibhelini lapho babezulazula khona ezingwadule, futhi babembethe izikhumba zezimvu nezikhumba zezimbuzi, wenziwa waba mpofu, futhi bonke laba izwe elalingabafanele ngisho, futhi buyoba yini ubufakazi bethu ngasohlangothini lwabo ngalolosuku na? Baba, Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzosinyakazisa ngeZwi laKho kulobubusuku, futhi usiswangulule, ukuze sibe ngamatshe aphilayo afakwe eTabernakele likaNkulunkulu.

4 Busisa umelusi lapha, abadikoni, abaphatheli, onke amalunga ebandla, namalungu amanye amabandla elibuthene kulobubusuku, nabelusi. Baba, ngikhulekela ukuthi sonke sizohamba sicula amahubo enhliziyweni yethu ngenxa yoBukhona baKho. Siyacela, eGameni leNdodana yaKho, uMsindisi wethu, uJesu Kristu. Amen.

5 Hlalani phansi. Ngiyaxolisa ngokunibamba kuze kubeleyithi kancane izolo kusihlwa, kodwa kuyinkonzo yokuphulukisa, ngezinye izikhathi kuthatha nje isikhathi esidanyana. NoMoya oNgcwele uzosebenza phakathi kwabantu, kwase kuthi-ke ngadingeka ngime khona . . . Kubukeka sengathi ngenkathi wena, unenkonzo futhi ungaqhubeki ngayo . . . Lolu wuhlobo lwenqubo ehlukile kancane kulokho ebengidlula kukho, futhi ngakho nje ngikhulume isikhathi esidanyana

kakhulu ukuzama ukwedlulisa indaba kubantu, ukuze bakwazi ukubona ukuphulukisa.

Nibujabulele uBukhona beNkosi izolo ebusuku na? I—Iyamangalisa, Iyamangalisa ngempela.

6 Manje, kulobubusuku...Bengicabanga izolo kusihlwa ngoBukhona baKhe, nangoBukhona baKhe ukuphulukisa. Futhi—futhi kusobala, thina, ubungakwenza, ngenkathi ugcobo lushaya, ubungabezwa abagxeki abavela ndawo zonke, niyazi, kodwa sikulindele lokho, niyabo, kufanele kube lapho. Nomaphi lapho amadodana kaNkulunkulu ehlangene khona, uSathane uhlezi ndawondawo, niyabo, khumbulani nje. O, ngiyakwazi lokho ngesipiliyoni eside.

7 Futhi ngezinye izikhathi lapho ukufikisa endaweni olwa kuyo, ungabhoboza lesosithiyo somsindo njenge... Bayangitshela, lapho indiza izama ukwedlula esivimbelweni somsindo, icishe nje inyakazise amabhawodi aphume kuyo, kodwa emva kokwedlula kulesosithiyo somsindo, kulungile, khona-ke ingagijima nje kalula. Uma nje singagqobhoza leyonkoleloze e—emileyo nezinto, khona-ke uMoya oNgcwele uqala nje ukwehla ngapha nangapha, futhi, njengogcobo, futhi nje ubusisa abantu. Kodwa abantu abaningi kakhulu banamhlanje batotoswa kakhulu, bambambathwa nje, *kancanyana* kancane.

8 Ngibone umbono ngesinye isikhathi eTulsa, e-Oklahoma, lapho nje ngibambe umhlangano ehholo elikhulu. Futhi—futhi indoda eyodwa, ingumfundisi ndawondawo, yayibiziwe emhlanganweni, ngikholwa ukuthi umfundisi oyiBaptisti, futhi ngiqala ukuyitshela ngempilo yayo. Futhi omunye wabendawo, abelusi abaxhasayo wabiza lendoda phezulu, futhi wayibuza, "Kwakunjalo na? Wake wamazi uMfowethu Branham na?" Ngingazi ukuthi ngiyokwazi konke ngakho egumbini lami lasehhotela. Niyabo?

9 Kodwa, nokuthi mina, emva kokuba iNkosi ingembulele lokho eyayikwenzile, awu, ngase-ke ngibheka, futhi njengoba enye yamadoda yayehlile, futhi yathi, "Manje, uMfowethu Branham, lapho ephansi kogcobo, uyinceku yeNkosi, kodwa isayense yakhe yezenkolo ayilungile." Yathi, "Ungumprofethi lapho ugcobo luphezu kwakhe, kodwa," yathi, "lapho ugcobo lusukile kuye," yathi, "o, isayense yakhe yezenkolo ayilungile."

10 Indoda engenza isitatimende esinjalo ayazi ngisho ukuthi igama elithi *mprofethi* lichaza ukuthini. U*mprofethi* kusho ukuthi, "umambuli wobuNkulunkulu weZwi." Niyabo? Futhi lezizibonakaliso zingukuqinisekisa ukuthi lokho yilokho okuyiqiniso. Niyabo? Futhi, kodwa, yilapho nje oza khona, lawomahlelo ababopha ngqi endaweni *enjalo*, ku—kubi ngempela. Bese kuthi-ke indoda ezansi lapho ikhuluma kanjalo,

futhi yehla ngqo, igumbi lami lasehhotela, futhi yayiyitshela lokho eyayikushilo. Awu, ukuthola ngaleyondlela nje.

11 Kusobala niyabona, abantu abaningi manje, abasoze bayazi impi size sifike ngaPhesheya, khona-ke kuzokwembulwa ukuthi khona, inani okulikhokhayo. Lapho, kuhlala etafuleni nabantu, nasemphakathini nabantu, futhi kubone lezozinto, futhi omunye akumbambathe emhlane, athi, "Mfowethu Branham, impela singakuwe," futhi engazi, ngayo leyonkathi, ukuthi ngiyazi ukuthi kungamanga, niyabo, ngoba ngiyambuka ngqo, ngisho nje impela ukuthi kuyini. Niyabo? Futhi lokho ngempela kwenza kube nzima. Ngi . . .

12 Nicabanga ukuthi lezizinto zilula kakhulu, nombhede wembali olula na? Kodwa akunjalo, bangane, yi*mpi*. O, he! Ngingaqoka ukungakwazi, ngi—ngingaqoka ukungakwazi nhlobo. Ngifuna nje ukuzwa indawo lapho engingakuboni khona ngisho, kumbe noma yini, ukuze nje ngikwazi ukuhamba ngiqhubeke, niyazi. Futhi uma wazi ukuthi umuntu ukutshela into ethize engalungile, khona-ke uyazi, yena emi lapho, noma yena, kumbe noma ngabe ubani, ezama ukukwenza kuzwakale kuyikho ngempela, futhi nokho, khona lapho, wena ubhekisisa umbono, lokho kuyiphutha impela abakushoyo, khona-ke uyakwazi lokho, nalokho, impela kuyinto el'khuni.

13 Kodwa ngamunye wethu unomsebenzi afanele awenze, ngamunye wethu unenkonzo, nokuyinqaba kwakho, kanjalonjalo, khona konke kjundawonye ukudumisa uNkulunkulu, konke kusebenzelana kube ngokuhle.

14 Manje, iNkosi ibe nathi futhi isisize. Bengicabanga, ngakusho ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ukuthi bengicabanga ukuthi ngizoqala kubagibeli bamahhashi abane beSambulo, ngoba uMoya oNgcwele uye wabusisa kakhulu kakhulu kuleyomihlangano ekhaya emavikini ambalwa edlule, kwemine, noma, iminyaka yebandla yokugcina eyisikhombisa, izikhonzi, noma, izingelosi zaleyominyaka yebandla, nokuthi Wakubusisa kanjani.

15 Kodwa-ke ngase ngicabanga, bekungcono mhlawumbe ngibuyele emuva uphisi omncane futhi—futhi ngithi ukuxazulula ibandla, ngenxa yezinto ezithile uMoya oNgcwele . . . Ngingakhuluma kuphela ngokuphefumulelwa, yilokho kuphela engikwaziyo, ngilindele Yena nje ukuba akusho, noma, anginike khona, futhi ngiyakusho, yilokho kuphela engikwaziyo ngakho.

16 Futhi bengitshela umelusi wenu kulokhu ukusa egumbini, ukuthi izikhathi eziningi ngisho izinto ezicishe zingibulale ukukusho, kodwa omunye wathi, "Uzolimaza inkonzo yakho ngokukwenza." Ngingasho kanjani ngaphandle kwalokho Athi kusho na? Uma umuntu othiel engabatsheli, kuzokwenzekani na? Nhloboni ye . . .? Niyabona ukuthi yini, sekube

nokunganakwa okuningi kakhulu kwakho manje. Niyabo? Yilokho ibandla lisesimweni esinjalo manje, kunokuningi kakhulu ukunganakwa kwakho. Omunye uzofanele amemeze kakhulu amelane nokungalungile, akunjengoba umemeza kakhulu ngokumelene nabantu, kuyiphutha ukuthi abantu bacindezelwe phakathi, bezama ukufanekisa omunye umuntu, noma benze *lokhu*, noma into efana naleyo, futhi bengabheki kuNkulunkulu. Niyabo?

17 Akunandaba ukuthi kanjani . . . Uma umuntu ubebuka kimi njengesibonelo, ungalokothi ukwenze lokho, nginezinto eziningi kakhulu ezingalungile empilweni yami. Bukani iSibonelo sangempela, uJesu Kristu, WayeyiSibonelo. Ningabukani omunye nomunye, bukani kuYe, niyabo, NguYe ongabheka kuye.

18 Manje, khona-ke ngicabange ukuthi ngizobuyela emuva kulobubusuku, futhi ngithi ukubeka iBandla ngokwendawo eyiyona yona emBhalweni ngaphambi kokuba singene kulena yangempela, el'khuni, iMfundiso eqinile yeNcwadi yeSambulo. Okungukuthi, iNcwadi yeSambulo, igama lesiGreki i-*apocalypse*, elichaza "ukwembulwa," ususa iveli esithombeni esiqoshiwe, ngempela, ukuthi isiGreki sichaza ukuthini ngakho, uthatha iveli esithombeni esiqoshiwe, futhi uvumela abantu babone ukuthi kwenziwe ini. Futhi yisambulo sikaJesu Kristu emabandleni aKhe. Mkhulu, ngoba uveza lokho Ayikho onyakeni ngamunye. Futhi ningakubona eminyakeni edlule, kwakungokuphelele nje, impela, futhi kunjalo kulonyaka, niyabo, lokho nje Ayikho.

19 Manje, asiMkholwe, asiMkholwe ngazo zonke izinhliziyo zethu. Futhi, niyabo, into yakho ingukuthi, kuyadlula kithi nathi, khona-ke sekuphelile, futhi siyamangala ukuthi kushonephi. Niyabo, bese-ke sibuka emuva, futhi, ngehora lokufa kwethu, futhi sibuke emuva, sicabange, "Awu, ukuba bengiyoba—bengiyoba . . ." Niyabo, sekwenziwe kude kakhulu ngaleyonkathi, njengoba nje lokho bekukhona kuyo yonke iminyaka ngaleyondlela, neBhayibheli lithi kuyoba ngaleyondlela kulonyaka.

20 Enye yezinto ezidabukisa kakhulu engake ngazibona eBhayibhelini, iBhayibheli libikezela, kwakuyilonyaka webandla. Lona ngunyaka webandla omubi kunayo yonke yayo yonke iminyaka yebandla. Wonke unyaka webandla . . . Bhekisisani iSambulo, eLawodikeya, unyaka webandla lePentecostal, ukuthi uKristu wayekhishiwe ebandleni laKhe uQobo, emi ngaphandle, engqongqotha, ezama ukubuyela ebandleni laKhe uQobo. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.]

21 Manje, kwakubukeka njengobizo ezonini, kodwa lowo ngunyaka webandla, unyaka waseLawodikeya. Wayenqatshwe

yizinhlangano, nezinto, baMkhiphela ngaphandle, futhi babethathe izinto zezwe, Wayesethi, "Ngimi emnyango, futhi ngingqongqotha." Webandla laKhe uQobo! Awukho omunye unyaka owakwenzayo, kodwa lonyaka, ngakho niyabona lapho simi khona. Noma yimuphi oweqiniso, omuhle, umqondo wokomoya ungakubamba lokho, futhi ukucoshe, futhi uhambe nakho, niyabo, ngoba niyabona ukuthi kukuphi.

22 Abambalwa impela, impela balonyaka bazothathwa, njengoba sikwazi. Abantu abaningi babheke ukukhula okukhulu, ukuthulula, nezinto, khumbula nje, kumake eBhayibhelini lakho: Ngeke nikubone, lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Awuyikukubona. Futhi kungukuthi, unyaka webandla uyaphela manje, leli yihora, selithi aliphele nje, noNkulunkulu edonsa iBandla laKhe.

23 Futhi Wabikezela lowo waseLawodikeya, osivivi ngokwenele ukuba awuhlanze uphume emlonyeni, futhi lowo ngunyaka nje impela esiphila kuwo, yonke into ilenga kahle nje okwesikhathi sokuphela, nayo yonke into. Sibona ibandla likulesosimo, lixega, lisivivi, ngokwanele ukuba, "Awu, kubukeka kukahle kakhulu, kukuhle impela. Mhlawumbe ngizobuya ekupheleni kweviki, futhi." Niyabo, nakho-ke, leso yisimo sokuziphatha sebandla. Kungalesosikhathi lapho uNkulunkulu ecosha oyedwa *lapha*, na*lapho*, noyedwa ensimini, noyedwa, kanjalonjalo, ukuba amthathe.

24 Ngakho njengoba sibona sisondela kulowonyaka, asizinze eZwini likaNkulunkulu. Ngena eZwini likaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu eZwini, futhi masibe ngamatshe aphilayo, akhiwe endlini kaNkulunkulu ophilayo.

25 Manje, kulobubusuku, ngifuna ukufunda ingxenye yomBhalo otholakala kuGenesisi isahluko 22 nevesi 14:

> *U-Abrahama waqamba igama* le*ndawo ngokuthi uJehova-jira: njengalokhu kuthiwa . . . Entabeni yeNkosi . . . kuya . . .* kuze kube namuhla.

26 Manje, *Jehova-jira* kusho ukuthi, "iNkosi izoZibonela umhlatshelo."

27 Manje qaphelani, sibuyela kuGenesisi okokutadisha okuncane cishe imizuzu engamashumi amathathu, noma amashumi amane, khona-ke kusasa ebusuku sizokucosha futhi, bese kuthi ngoMgqibelo ebusuku, sikwakhe. Futhi ngifuna niphawule imiBhalo, uma nifisa, futhi nginembalwa yayo imakwe phansi lapha ekhasini elincane, ephepheni lami, futhi, uma ngithola ukuwasebenzisa, lapho ekhona. Futhi sifuna ukutadisha, futhi nje sithathe o—okufana nokutadisha iBhayibheli eZwini.

28 Manje, lokhu kungukuthi, kusobala, lapho esibiza khona lokhu, uNkulunkulu unezinhlanganisela eziyisikhombisa, amaGama okuhlenga, *Jehova-Jira*, "iNkosi izohlinzeka

ngomhlatshelo"; *Jehova-Rafa*, "iNkosi ephilisayo"; futhi "iNkosi iBhanela lethu"; "iNkosi iSihlangu sethu," kanjalonjalo. Ubonakala kwinhlanganisela yamaGama aKhe, okuhlenga.

29 Futhi lokho yi. . .Ngenkathi iNgelosi yeNkosi ibonakala lapho eHouston ngalesosikhathi, ngenkathi umfundisi wamaBaptisti wayenenkulumo-mpikiswano noMfowethu Bosworth, wambuza nje lowombuzo owodwa, wathi, "Dokotela Best, ngizokubuza: Ngabe amaGama kaJehova ayinhlanganisela abhekiselwa kuJesu, *yebo* noma *qha*? Ngiphendule nje, *yebo* noma *qha*."

30 Futhi wayengeke akwenze, ngoba, niyabo, uma ethe *yebo*, khona-ke, ungeke wehlukanisa amaGama aKhe ayinhlanganisela, ngakho uma Engu*Jehova-Jira*, uMhlatshelo ohlinzekiwe weNkosi, Ungu*Jehova-Rafa* futhi ophilisa zonke izifo zethu. Ngakho, futhi uma Engesuye u*Jehova-Rafa*, kanjalo Akasuye u*Jehova-Jira*, uMsindisi wethu. Ngakho uma Engesiwo uMhlatshelo ohlinzekwe nguNkulunkulu. . .Ngakho ungeke wabahlukanisa. Lokho kwakuxazulula, lowo nje kwakungu—nje umBhalo owodwa othathile ukuxazulula.

31 Manje, isizathu ngikhethe ukubuyela kuGenesisi, ngoba igama elithi *genesisi* lisho ukuthi, "ukuqala." Futhi akukho-nkolo emhlabeni namhlanje, akukho-nkoloze emhlabeni namhlanje, akukho lutho emhlabeni namhlanje olungeke lwamenyezelwa eNcwadini kaGenesisi. Yisahluko sembewu, sibuyela emuva embewini.

32 Manje, uma ubufuna ukubona ukuthi noma yini iyini, buka ukuthi ivelaphi, landela umkhondo wayo emuva phansi embewini. Manje, ngibuyela emuva ukulandela umkhondo weBandla, iBandla leqiniso, ngaphambi kokuba siqale eSambulweni, uma iNkosi ihlinzeka, ukunibonisa ukuthi liyini iBandla leqiniso, ukuthi laqalaphi.

33 Manje, besingahamba yonke indlela singene kuKayini no-Abela, kwakukhona impela, ukuqala, kwakukhona uKayini, indoda ekholwayo, kwakukhona u-Abela, indoda ekholwayo. Futhi u-Abela noKayini, bobabili beyizelamani, bafika futhi ngamunye wakha i-altare ngasempumalanga emasangweni ase-Edene, lapho bobabili bakhonza uNkulunkulu, bobabili benza imihlatshelo, bobabili bakha izindlu zokukhonzela, noma, ama-altare, futhi bobabili bakhonza.

34 Uma wakha indlu yokukhonzela, wenza umhlatshelo, ukhokha okweshumi kwakho, nakho konke okunye, futhi ngisho ukukhonza uNkulunkulu, akubalwa njengokulunga, kuze kube, ngaphandle uma uza ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yakho. Ngokuba uma kwakunjalo nje ukuthi waya esontweni, ngakho wawusonta, ngakho wakhokha okweshumi kwakho neminikelo, futhi wenza imihlatshelo ukwakha ibandla lakho. . .Lokho kwethembekile, lokho kulungile, lokho yinkolo

kuphela, kodwa noma kunjalo uNkulunkulu wala okaKayini, wonke umnikelo awenza, futhi uKayini wayekholwa nje njengoba u-Abela wayenjalo.

35 Ngakho uma ukukholwa, no—nokuya esontweni, nokukhokhela isonto, nokwenza umhlatshelo, no—nokungenisa okweshumi kwakho, nokukhonza uNkulunkulu, uma kuyilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo, Waye—Waye, wenza into enonya ukulahla ngecala umuntu owahlangabezana nesidingakalo saKhe. Kunjalo. Kodwa, niyabo, "Kukhona indlela ebonakala sengathi ilungile kumuntu, kepha ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa." Niyabo? Manje, kunendlela uNkulunkulu afika ngayo, futhi yileyondlela kuphela oyoke ungene ngayo lapho, ukufika ngendlela uNkulunkulu akuhlinzekele ngayo. Kunjalo.

36 Futhi iBhayibheli lonke lakhiwe, ngokuphelele, phezu kwesambulo; iBandla lisesambulweni, isambulo seZwi. Manje, khumbulani, u-Abela wanikela kanjani kuNkulunkulu ngomhlatshelo omuhle kakhulu kunoKayini na? Kwembulwa kuye. Ukukufakazisa, kuMathewu oNgcwele, ngikholwa ukuthi ese 12, isahluko 16, uJesu wathi, "Abantu bathi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?"

Nabanye babo bathi, "'Wena unguMose,' nabanye, ba, u 'Eliyase,' nabanye, 'umprofethi,'" kanjalonjalo.

Wathi, "Kodwa nina nithi Ubani na?"

37 Futhi uPetru wakhuluma, ngokushesha, wayesethi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

38 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona, inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu. Wena unguPetru, futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule."

Manje, manje, iKatolika lithi WaLakhela phezu kukaPetru, ngoba wayeyitshe elincane. Uma lokho kunjalo, wahlubuka ezinsukwini ezimbalwa kamuva. Niyabo?

Wena uthi, "Walakha. . ." AmaProtestane athi WaLakhela phezu kwaKhe uqobo, "UyiDwala," lokho yiphutha, nokho.

39 Walakhela phezu kwesambulo sokomoya. "Okwembuliwe, inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulile." Yingalesosizathu Anika uPetru izihluthulelo zoMbuso, wayenesambulo sokuthi WayenguBani. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule." Kunjalo, isambulo sokomoya seNkosi uJesu Kristu.

40 Lapho uNkulunkulu eMazisile kuwe njengoMuntu, njengoMsindisi wakho, njengoNkulunkulu wakho, njengoMhlengi wakho, njengoMphulukisi wakho, njengeNkosi

yakho, lowo nguYe o. . .ukuthi isambulo sokomoya sifika kanjani.

41 Manje, sibuyela emuva ukubhekana no-Abrahama kulobubusuku, ngoba nguye owanikezwa isithembiso. Manje, ngifunde kuGenesisi isahluko 22 nevesi 14, kodwa empeleni sizobuyela kuGenesisi 12 ukuqala, ngoba u-Abrahama, ukuqala kuka-Abrahama, wayezokwehla evela eBabiloni, evela eShinari, futhi wahlala ezigodini.

42 Futhi siyazi ngeBabiloni, ukuthi uNimrodi waba kanjani ngowokuqala ukuzama ukwenza inhlangano. Wahlela umnyakazo omkhulu wezenkolo futhi wenza onke amabandla amancane amhloniphe, kulomuzi omkhulu waseBabiloni, futhi wakha umbhoshongo lapho owenyukela emazulwini, kanjalonjalo. Wacabanga yena, ngemicabango yakhe uqobo wacabanga ukuthi wayengenza into eyayizosindisa abantu.

43 Kodwa wena, akukho-nto ongayenza ukuze uzisindise, akukho neyodwa into, ufanele uthembele ngesizotha emseni kaNkulunkulu ukuba ukwenze. Ungeke wazisindisa, angikhathali ukuthi ukholwa kangakanani, nokuthi uzama kanjani ukuba kahle, nokugcina yonke imiyalo, nakho konke, lokho ngeke kwenze neyodwa into, akukho neyodwa into ongayenza ukuze ufanele noma yini. Ulahlekile nje kalula, futhi yilokho kuphela. Ayikho indlela yokuba wena, wenze, ufanele wemukele indlela yaKhe ehlinzekiwe, lowo nguJesu Kristu. Wena, futhi kungokukhululekile, awudingekile ukuba wenze into eyodwa kodwa nje wemukele lokho ophiwe khona, akukho-nto ongayenza.

44 Uma mina, uthayi wami ubugwegwile, futhi bengiyothi kuMfowethu Buntain, "Mfowethu Buntain, ngizokunika isigidi samadola."

45 Futhi wathi, "Ngiyabonga, Mfowethu Branham, ngizoqondisa uthayi wakho," kakhulu *kangako*. Angimnikanga wona, kukhona akwenzile. Niyabo? Waqondisa uthayi wami ngesigidi samadola. Niyabo, ungeke wenza neyodwa into. Akukho. . .

Abantu bathi, "Ngavele ngafuna uNkulunkulu, futhi ngafuna uNkulunkulu."

Qhabo, uyaphaphalaza, mfowethu, akukho-muntu owenza lokho, aku—akusuwe ufuna uNkulunkulu, nguNkulunkulu efuna wena.

Wena uthi, "Ngakhuleka, ngazila ukudla, ngafuna uNkulunkulu."

Qhabo, uNkulunkulu ubefuna wena, ngoba uJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala."

46 Ungayitshela kanjani ingulube ukuthi yayinephutha ngokudla ingxavungxavu na? Niyabo, iyingulube

kwasekuqaleni, leyo yimvelo yayo. Yilokho owawuyikho, isoni, ngakho u—uhlukanisiwe, unqunywe wasuswa kuNkulunkulu. Wena . . .

47 Ubungayitshela kanjani ingwe ukuthi amabala ayo ayengalungile na? Niyabo? Yayingawakhotha kanjani ukuzama ukuwageza asuke na? Iwenza akhanye kakhulu. Yileyondlela ozama ngayo ukwenza, ukuthatha inkolo ukuba uzipholishe ukuze wenze isidalwa esingcono ngawe. Ufanele uqonde ukuthi ufile, awulungile nhlobo, ungcolile, futhi uNkulunkulu nguYe kuphela ongakusiza. Kunjalo. Lapho wenza lokho, khona-ke usondela eMbusweni kaNkulunkulu, lapho uzibona ungelutho, futhi nje uncike ngesizotha kuYe futhi uvumele uMoya oNgcwele akuhole. Lokho yi . . .

48 Ngicabanga ukuthi iBandla selishunyayelwe laze lafa, into eliyidingayo manje ngukubuyela ekufundiseni, futhi ubabeke esisekelweni, ukuze uzokwazi ukuthi uzakha kanjani ku—kuKristu. Futhi sakhe amabandla ethu phezu kwamadlingozi, naphezu kwezinto ezehlukene, kodwa singeke sakhela phezu kwalutho ngaphandle kukaKristu, isambulo sikaJesu Kristu, yileyonto kuphela esingayenza. KuYe niphelele, ngaphandle kwaKhe, nilahlekile, ayikho indlela ezweni yokuba nisindiswe.

49 Manje, ngenkathi uNkulunkulu ebiza u-Abrahama, wayengumuntu ojwayelekile nje. Ngifuna nazi, ukuthi anidingeki ukuba nibe yinoma yimuphi umuntu okhethekile ukuze uNkulunkulu anibize. UNkulunkulu unibiza ngokukhetha, no-Abrahama wakhethwa.

50 Wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala ngaphambi kokuba uNkulunkulu ambize. Futhi wayeshade nodadewabo ingxenye, uSara, futhi base behlale ndawonye iminyaka, futhi wayeyinyumba.

51 Manje, wehla noyise eqenjini elasuka eBabiloni, wase ehlela lapha kumaKaledi emzini wase-Uri. Mhlawumbe babehlala ethendeni, njengoba babenza ngalolosuku, iningi labo, abantu abampofu. Futhi yena, ukudla kwakhe ukudla mhlawumbe kwakungukudla amajikijolo, kanjalonjalo, futhi angene ehlathini futhi athole isilwane, futhi—futhi waphila impilo ethule impela, kodwa ngelinye ilanga uNkulunkulu wakhuluma kuye. Manje, nanko umehluko: lapho uNkulunkulu ekhuluma kumuntu. Angahle ukuba wayengokholwayo, angahle ukuba waye . . .

52 Awu, uma noma ubani eke wafunda i*Two Babylons* kaHislop, kanjalonjalo, futhi ubone umlando wasendulo wokuthi babenowesifazane kanjani phezulu lapho owayengumpristi, noma okuthize, futhi babenezimpande eziphuma emithini, nowonkulunkulu, nazo zonke ezinye izinto ukuthi i, njengoba uJakobe ayenakho phakathi kwakhe, isizwe,

ngenkathi esuka kumkhwe wakhe, ngakho babenazo zonke izinhlobo zemibono enelukuluku.

53 Kodwa uNkulunkulu wabiza u-Abrahama njengomuntu ngamunye ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, futhi wenza isivumelwano naye.

54 Manje, ngifuna niqaphele, ngenkathi uNkulunkulu enza isivumelwano saKhe sokuqala, isivumelwano sika-Adamu, isivumelwano sika-Adamu, kwakungukuthi, Wasenza phakathi kwaKhe no-Adamu, nomuntu waphenduka ngqo futhi wephula isivumelwano saKhe. Futhi njalo lapho umuntu enza isivumelwano noNkulunkulu, uyasephula.

55 Kodwa lesisivumelwano asenziwanga phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, uNkulunkulu wenza lesisivumelwano naYe uqobo. Kungumusa ngakho konke, akukho—akukho-mthetho kukho nhlobo, Akazange athi, "Uma uzokwenza into ethize," Wathi, "Ngi*kwenzile*. Ngi*ku*busisile. Ngi*kwenze* uyise wezizwe. Ngi*kwenzile*." Isivumelwano singumusa ngokuphelele, akukho-mthetho kuso nhlobo. Yeka ukuthi kuhle kanjani! Into kuphela u-Abrahama . . .

56 Akusikho kuphela ukuthi Wasenza no-Abrahama, manje lalelani, Akazange kuphela asenze no-Abrahama, kodwa iNzalo yakhe emva kwakhe, u-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe. Isivumelwano senziwa ngokungenambandela ku-Abrahama neNzalo yakhe.

Wena uthi, "Awu, lokho kungaba amaJuda na?"

Qhabo, mnumzane, lokho yizizwe, "Ngakwenza uyise wezizwe eziningi."

57 Niqaphelile igama lakhe kwakungu A-b-r- . . . -h-a-m, u-Abrama, A-b-r-a-m-a, Abrama. Khona-ke ngenkathi Eguqula igama lakhe, Umnika igama elithi A-b-r—A-b-r . . . h-a-m, *Abrahama*, ethatha iGama laKhe uQobo, u-*Elohim*, niyabo, emenza ubaba. Ungu-Elohim, futhi Waguqula futhi wabeka ingxenye yeGama laKhe ku-Abrahama, ngoba yena, ngesithembiso kwakuzofika ngeNzalo yakhe, uyise wezizwe, u-Abrahama. Waguqula igama lakhe, wabeka ingxenye yeGama laKhe kwelakhe, manje, emenza uyise wezizwe.

58 Manje qaphelani, ku-Abrahama naseNzalweni yakhe emva kwakhe, manje, hhayi *ezinzalweni* zakhe, kodwa *iNzalo* emva kwakhe. U-Abrahama wayenamadodana amaningi, kodwa Leyo ethenjisiwe yayingo-Isaka, futhi ngo-Isaka kwafika uKristu, iNzalo yobuKhosi, iNzalo ka-Abrahama yangempela.

Manje qaphelani, wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, manje-ke siyini na?"

59 Uma sikuKristu, kwabaseGalathiya 3, uma sikuKristu khona-ke siyiNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naye ngesithembiso. Uba kanjani kuKristu na? Uma ufile

kuwe uqobo, wazalwa kuKristu, uyiNzalo ka-Abrahama nendlalifa yesithembiso no-Abrahama. Manje-ke uma uyiNzalo ka-Abrahama, ungaba kuphela njengoba unokukholwa u-Abrahama ayenakho.

60 O, manje si—silungiselela inkonzo yangempela yokuphulukisa. Niyabo? Lapho singacabanga ngesithembiso sethu—sethu, uNkulunkulu anga . . .

Uthi, "Ukhulekelwe izolo ebusuku na?"

"Yebo, bengisemhlanganweni, omunye ubeke izandla zakhe phezu kwami."

"Uyaphila na?"

"Qhabo, ngikugejile ukuphulukiswa kwami."

61 Awusiyo iNzalo ka-Abrahama, u-Abrahama wakukholwa. IBhayibheli lathi akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo.

62 Ngenkathi u-Abrahama etshelwa ukuthi wayezoba nalengane ngoSara, okokuqala, sengiyabona ezinsukwini zokuqala ezimbalwa, noma, izinsuku zokuqala ezingamashumi amathathu, wathi, "Uzizwa unjani, S'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Sizoba nayo noma kanjani."

Bazilungiselela, benza amalungiselelo ayo. Futhi lapho izinsuku zedlula, zaqhubeka, zaqhubeka, zaqhubeka, futhi zaqhubeka, futhi zaqhubeka, u-Abrahama: "Uzizwa unjani, S'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Sizoba nayo noma kanjani."

63 Lapho kwakubonakala kungenakwenzeka kakhulu, u-Abrahama wadumisa uNkulunkulu, ngoba kuzoba yisimangaliso esikhulu kakhulu, kwakungukuthi uma kwenzekile emuva ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisithupha. Amen.

64 Futhi khona-ke sithi, "Ya, ngiyiNzalo ka-Abrahama, kodwa ngikugejile ukuphulukiswa kwami." U-Abrahama wabiza noma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu ngamanga, wala ukubuka noma yini ngaphandle kwalokho uNkulunkulu ayekushilo, lelo kwakuyiqiniso. Akunandaba ukuthi izwe lathini ngaye, ukuthi noma ubani omunye wathini, wayazi ukuthi uNkulunkulu wathini, wabambelela kulokho okwashiwo nguNkulunkulu. Bese kuthi-ke sithi siyiNzalo ka-Abrahama. O, bakithi!

65 "Ngedlule emgqeni womkhuleko kaMfowethu Roberts, ngizodlula kokaMfowethu Allen lapho efika, bese-ke lapho uMfowethu Branham efika, nabo bonke abanye, ngizodlula

emgqeni, ngibone ukuthi ngiyakuthola yini ukuphulukiswa kwami." INzalo ka-Abrahama! Bakithi! Akumangalisi Athi Wayezolihlanza liphume emlonyeni wakhe, kwaMgulisa esiswini sakhe. Yebo. O, he!

66 INzalo ka-Abrahama ithatha isithembiso sikaNkulunkulu, futhi noma yini ephambene naso ingamanga, hamba uqhubeke ngqo. Manje, siyabona ukuthi ngabe siyiNzalo ka-Abrahama noma qha. Bengingayidabula into ihlakazeke ngalokho uma bengifuna nje, khona manje. Yebo, mnumzane. USara walalela kanjani, qobo lwakhe na? Njengomka-Abrahama. Manje, kodwa iNzalo ka-Abrahama iyasikholwa isithembiso, lapho uNkulunkulu esho noma yini ekuxazulula ingunaphakade.

67 Futhi khumbulani, manje, into elandelayo esiyitholayo, ukuthi u-Abrahama, ngenkathi lesisithembiso sinikwa yena, noma iNzalo yakhe, into kuphela ababefanele bayenze ukugcina isivumelwano sabo kwakungukuhlala ezweni lesithembiso. Inqobo nje uma u-Abrahama ahlala ezweni lesithembiso, isivumelwano sasiyosebenza. Manje, yilokho kuphela ababefanele bakwenze. Yilokho kuphela iNzalo ka-Abrahama efanele ikwenze, yilokho kuphela ofanele ukwenze.

68 Uma ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele khona-ke uyiNzalo ka-Abrahama. Manje-ke uma uneNzalo ka-Abrahama, enguMoya kaNkulunkulu kuwe, ekwenza ukholwe njengo-Abrahama, ubiza konke okuphambene neZwi likaNkulunkulu ngokungathi kwakungamanga, iZwi likaNkulunkulu liqinisile, ungangabazi kunoma yisiphi isithembiso nje yiba ulokhu ubambelele kuso, nakho-ke. Uma uyiNzalo ka-Abrahama, khona-ke yonke into ephambene naYo ayilungile. YiZwi futhi iZwi lodwa, ngimi lapho.

Njengoba u-Eddie Perronet wabhala:

> Bayede mandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi uMthwese umqhele iNkosi yakho konke.
>
> Ngimi, kuKristu, iDwala eliqinile;
> Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo.

69 Leyo yiNzalo ka-Abrahama, hhayi ukungabaza. "Akunandaba ukuthi isimo sibukeka kanjani, ukuthi isayense ithini, ukuthi noma ubani omunye uthini, YiZwi likaNkulunkulu futhi ngibambelele kuLo," leyo yiNzalo ka-Abrahama.

70 Manje, niyabona lapho ibandla lePentecostal elikhona namhlanje na? Libuthakathaka njengamanzi egatsha. Kunjalo, beyelenga ngokulinganisana nje, njengezimpukane ziwa kuwo. Imvuselelo iyaqala, "Awu, angikwazi ukuhlala isikhathi eside kangaka, lowomshumayeli ushumayela ngaphezu kwehora. Ngingakwenza kanjani na?" O, wena nezaba ezingathi-

shu, wena empofu, into elusizi! Uzibiza ngeNzalo ka-Abrahama, ngenkathi u-Abrahama alangazelela ukuzwa iZwi likaNkulunkulu, wakhuleka, futhi wabambelela waze wathola isithembiso, wahlala lapho, yilokho iNzalo yakhe ekwenzayo, futhi.

71 Manje, iNzalo ka-Abrahama yalahlekelwa nini yilenhlanganyelo enkulu na? Ngenkathi ehlela eGibhithe, akazange alahlekelwe yisivumelwano sakhe, walahlekelwa yisibusiso sakhe. Futhi yilokho oku, ngizama ukufinyelelisa kinina bantu, kulobubusuku. Ibandla lePentecostal lilahlekelwe yisibusiso salo sangaphambili, kukhona okungalungile, siyakwazi lokho. Noma ubani oke wafunda umlando weBandla uyazi ukuthi kukhona okungalungile ngeBandla. Manje, awukalahlekelwa yisivumelwano sakho, kodwa ulahlekelwe yisibusiso sakho, buyela ezweni lesithembiso, buyela eZwini, buyela kuKristu.

Yeka ukubuka, uthi, "Ihlelo lethu likhulu kunelabo. Bayizinti ezindala zoklebe, futhi sisentweni ethize e. . . "

72 Yeka ukwenza lokho, buyela eNkosini uJesu, buyela eBandleni langempela. Yelula izingalo zakho kuwo wonke umfowethu owile, nakho lapho okhona, buya. UNkulunkulu akasisusanga isivumelwano saKhe kuwe, kodwa izibusiso zakho asisekho, ngoba usunokwezwe, waphuma wangena ezweni, futhi uqala ukuqomisana nezwe, khona-ke uphumile esithembisweni, kodwa isivumelwano sisabambelele. Into kuphela ofanele uyenze ngukubuya, bese-ke. . .

73 Futhi ngenkathi uNkulunkulu enza lesisivumelwano no-Abrahama, khumbulani ukuthi sasingenambandela. NoNkulunkulu wakubiza, hhayi ngoba ubungumuntu olungileyo, kodwa ngoba, ngokungenambandela, Ukubizile futhi ngomusa waKhe Ukunika uMoya oNgcwele. WawuyiLuthela, iPresbyterian, iKatolika, futhi ngomusa waKhe Wakubiza futhi wakunika uMoya waKhe. Futhi into kuphela ofanele uyenze ngukulondoloza kuKristu, ngokuba yilapho u. . . ezweni lesethembiso.

74 Konke okukuJesu kuphephile, futhi inqobo nje uma ukuloMbhoshongo wesiphephelo kuKristu, khona-ke uphephile ezintweni zezwe. Kodwa lapho uhamba uyobuka ngaphandle, futhi uqomisane nezwe, into yokuqala uyazi uqala ukuhamba uphume kuKristu. Manje, usenaso isivumelwano, kodwa ulahlekelwe yisibusiso sakho.

75 Balahlekelwe nguMoya emhlanganweni. Upiyano lungadlala, izigubhu zingashaya, nabesifazane nezingubo zabo zimpintshe ngokwenele ngangokuthi, sengathi bahlinzwe isikhumba esosijini, begijima behla benyuka kwiphansi kanjalo, begxuma phansi naphezulu, makuthi umnyuziki ume, bayama, nabo. Amacici, nazo zonke izinhlobo zezinto ezifekethisiwe

zezwe, kubukeka njengohlobo oluthile lomlumbi, esikhundleni so—esikhundleni songcwele.

76 Lapha esikhathini esingeside esedlule, ngangikhuluma nenye indoda ingihola, ibandla elikhulu, futhi yathi, yayine... yathi, "Umkami uzodlala upiyano."

Ngathi, "Lokho kungaba kuhle kakhulu." Kungena, futhi he, lelonenekazi bandla, indlela elaligqoke ngayo, futhi lahlala phansi, ngathi, "Ngabe lingongcwele na?"

Yathi, "Yebo."

77 Ngathi, "Libukeka njenge*sipoki*, esikhundleni so*ngcwele*." Ngathi... Futhi kunjalo. O, he! Izinto ezinjalo azisizo ezeBandla likaNkulunkulu ophilayo, lokho akusikho okwabantwana baka-Abrahama, lokho yizinto zezwe. "Uma uthanda izwe, izinto zezwe, khona-ke uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe," kwasho iBhayibheli. Kunjalo.

78 Sukani ezintweni zezwe, buyelani kuNkulunkulu, buyelani emihlanganweni yemikhuleko, buyeleni e—entweni yangempela. Zisoke, unqume izinto zezwe. Khulekani uNkulunkulu aze ehlisele isibusiso saKhe phezu kwenu, lezozinto zibe njengezifile njengezipikili zomnyango, bese-ke nibuya ningene kuKristu.

79 Manje, manje, lesosivumelwano sahlala isikhathi eside ku-Israyeli wenyuka njalo baze benza iphutha labo lokugcina. U-Eksodusi 19, amakhulu eminyaka kamuva, ngenkathi uNkulunkulu waye... Bukani ukuthi umusa wawuhlinzeke ini, isivumelwano esingenambandela, hhayi kunoma yiziphi izinkundla nhlobo, kodwa nje sahlinzekwa ngomusa. Ngenkathi bethatha uhambo lwabo beya ezweni elithenjisiwe, njengoba uNkulunkulu wayethembisile, emuva lapha, u-Abrahama, nenzalo yakhe iyogogobala ezweni lezizwe iminyaka engamakhulu amane ngaphansi kobugqila, kodwa iyophuma.

80 Bukani, base bevele bephumile ngaphansi kobugqila, uNkulunkulu, ngomusa, wayebahlinzeke ngomprofethi, iNsika yoMlilo, iwundlu lomhlatshelo, imvuselelo enkulu kunazo zonke abake baba nayo, futhi babemi osebeni bedansa, beshaya amatamborini, futhi benejubili langempela lePhentekoste, yonke into, izitha zabo zonke zabulawa emva kwabo, nayo yonke into, futhi, nokho, babefuna into ethize abangaphikisana ngayo. Babefuna ukuthola umthetho ukuze babe nokuthile abazokwenza kuwo. Yileyondlela impela nje iPentecost eyenze ngayo, ngokuphelele nje, ngoba lowo kwakungumfanekiso, kwakufanele kube ngaleyondlela.

81 Qaphelani, eminyakeni engamashumi amane edlule ngenkathi oyihlo babememeza, nomama benu phandle lapho nesibusiso sangempela sePentecostal, uNkulunkulu esebenza izibonakaliso nezimangaliso nezinto ezinkulu, kanjani... ngani, nanicabanga ukuthi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane siyongena ngqo, kodwa nenzani na? Uma nje ubungakuyeka

kuhambe, uyeke nje umusa kaNkulunkulu ukuhole! Kodwa omunye umuntu wasukuma noShicilelo oLusha, ngakho *leli*qembu lahosheka, "Asiyikholwa leyonto."

Lona omunye, "Asiyikholwa leyonto."

Futhi omunye wathi, "Uza ngehhashi elimhlophe."

Omunye wathi, "Uza ngefu elimhlophe."

"Awu, zitholele inhlangano, Menze ehhashini elimhlophe, futhi ngizoMenza ngefu elimhlophe."

82 Niyabo, kwenzani na? Kwehlukanisa iBandla, kwa—kwaqalekisa yona impela inhlanganyelo kaNkulunkulu, kwathatha abangcwele bakaNkulunkulu futhi kwabahlukanisa, futhi kwabadonsa behlukana. Futhi wenzeni na? Nihlale khona lapha iminyaka engamashumi amane ezinhlanganweni zenu, nizikhuluphalisa, futhi nenza izinto ezinkulukazi, futhi ninani manje na? Futhi ninani manje na? Qhubekani nje, futhi nihlale khona lapha ezweni, uma nifisa.

83 Kodwa kufika isikhathi lapho uNkulunkulu avusa khona uJoshuwa, wayesethi, "Asiwelele ezweni lesithembiso. Asiwele." Ngicabanga ukuthi lelo yihora manje, uNkulunkulu uzama ukuthola ngalo idlanzana labantu ukuba, "Asiye ezethembisweni ezigcwele zikaNkulunkulu."

84 Ngenkathi uNkulunkulu ekuvumela ukhulume ngezilimi, wama kulokho. Ungami lapho, leyo yinto eyodwa nje, he, kukhona, i—izinqolobane ezinkulu zikaNkulunkulu zigcwele izibusiso eziningi kakhulu zayo yonke into, zonke izithembiso. Kodwa sadingeka sime, "Ya, singamaPentecostal."

Awu, benza impikiswano, baqala ukubhaphathiza eGameni likaJesu, omunye wathi, "Kukhona oNkulunkulu ababili."

Omunye wathi, "Bathathu."

Omunye uthi, "Kukhona oyedwa."

Omunye wa-. . . O, he! Khona-ke ba . . .

85 Awukushiyi ngani phansi na? Uma kungesikho okukaNkulunkulu, akashongo yini uJesu ukuthi, "Sonke isitshalo uBaba waMi angasitshalanga siyosishulwa." Kuyeke kanjalo nje, gcina inhlanganyelo yakho iqhubeka, noma kanjani, uma kungesikho okukaNkulunkulu, kuzoba ize, noma kanjani. Ungephuli inhlanganyelo yethu, futhi sizilethe *ngapha* esihlahleni esincane esingesethu uqobo. Asigaxe izingalo zethu nje futhi sithande umfowethu, uma esephutheni masimkhulekele, simbuyisele enhlanganyelweni futhi, myeke kanjalo.

86 Kodwa qhabo, sidingekile sihambe nje into efanayo u-Eksodusi ayenza esahlukweni 19. Babefuna umthetho ukuze bakwazi ukwenza odokotela bobunkulunkulu futhi babe nesayense yabo yezenkolo, emva kokuba umusa usuhlinzeke

konke ababenakho. Niyabo? Ngenkathi abangesibo ihlelo sebelethe isibusiso sePentecostal kubantu, kodwa-ke babefanele bahambe futhi benze amahlelo ngakho. Niyabo? Into efanayo nje eyayenza ngaleyonkathi. Futhi nihlezi iminyaka engamashumi amane, futhi nakho lapho nikhona.

87 Benzani na? Senake nacabanga ukuthi benzeni kuleyominyaka na? O, uNkulunkulu wababusisa. Bakhulisa imindeni, nezitshalo ezinhle, futhi wabaphumelelisa, impela bakwenza, nakho konke, kodwa noma kunjalo babesilalelwe isibusiso, babengekho ezweni lesithembiso, nokho. Manje, kodwa ngoluny'usuku bawelela ezweni lesithembiso, isizukulwane esisha siyenyuka, futhi uNkulunkulu wabathumela ngapheseya ezweni elithenjisiwe.

88 Manje, umlayezo womusa kaNkulunkulu, isivumelwano esingenambandela, sasikhona kusukela ngenkathi uNkulunkulu asinika u-Abrahama (Sizongena kukho ngqo, futhi sikhombise ukuthi Wakuqinisa kanjani kuye.), kwase kuthi-ke lokho kwaqhubeka kuze kuyofika ku-Eksodusi, kwase kuthi-ke lapho sebefanele babe ngabagcini-mthetho, nabanikezeli-mthetho, kanjalonjalo, lokho, bazithwesa bona uqobo ukuze babe nokuthile abangakwenza kukho, ukuze babe nokuthile ukuba bakwenze. NjengoNimrodi nje, wayefanele abe nento ethize ukuba ayenze, ngakho wamakhela umbhoshongo, kodwa uNkulunkulu wavele wakhombisa uJakobe ilada, umusa.

89 Kodwa yileyondlela obekungayo, yileyondlela okungayo namhlanje, sifanele senze okuthize. Amanye amabandla athi, "Manje lindani, niyazi uDkt. *S'bani-bani* ngumelusi wethu. *UDkt. S'bani-bani*. Manje, asinaye oyedwa walaba bashumayeli abancane abayithu-bhayi-fo ezansi lapho," iZenzo ezincane 2 no 4, niyazi, "sinoDkt. *S'bani-bani*, Ph.D., LL.D. Uyi—ungumfundi oneziqu zaseHartford," noma into efana naleyo.

90 Ngani, ngingaqoka ukuba nendoda nomntwana wami, eyayingazi ukuthi ihlukanise ubhontshisi ekhofini, kodwa yazi ukuthi igcwaliswe ngoMoya oNgcwele, kunomuntu onazo zonke izinhlobo zeziqu engazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu belingazi ngobusuku baseGibhithe. Yebo, mnumzane. Esikudingayo namhlanje ngukubuyela eMlayezweni wangempela, emuva e, emuva ngqo ethafeni langempela, phansi, okudala, okusuka enhliziyweni, uNkulunkulu wathumela, insindiso yePhentekoste, ibuyele eMlayezweni.

91 Unokuxegisa kakhulu namhlanje, ukwenzelela phansi. Abefundisi abanezinhlelo ezinkulu abathi, "Ngeke ngakusho lokho kubantu ngoba bebengeke bangixhase." Ngani, uNkulunkulu unguMxhasi wethu. Ngani, he, khuluma iqiniso, futhi ubhekisise ukuthi uNkulunkulu uzokwenzelani. Kodwa niyabo, sinokuningi kakhulu kwalokho ezweni namhlanje.

92 Manje, siyathola emva kwalesi simiselo sesikhathi ngaleyonkathi, saqhubeka, lesosimiselo sesikhathi somthetho, kuze kufike iNzalo yaseBukhosini yangempela, khona-ke Uthathe konke okomthetho phezu kwaKhe uqobo, futhi wakhokha inani lokuhlengwa, neBandla likaNkulunkulu selibuyele emseni futhi. Hhayi phansi komthetho nokomthetho, Kuphansi komusa nesithembiso sikaNkulunkulu, iNzalo ka-Abrahama yeqiniso. Wazithathela umthetho phezu kwaKhe nomthetho waMbethela esiphambanweni, ngalokho esifanele sikwenze, nesingafanele sikwenze, nesifanele sikwenze, nesingafanele sikwenze.

93 Uyayazi into yakho namhlanje, lapho isoni siza eNkosini, asi—sibaphathi njengoba kwenza uPawulu ngenkathi ujele waseFilipi ethi, "Ngifanele ngenzeni ukuze ngisindiswe na?"

Manje, besingathini namhlanje na? "Ufanele uyeke ukubhema, ufanele uyeke ukuphuza, ufanele uyeke ukwenza *lokhu*."

Kwakungesikho lokho akubuza, wathi, "Ngifanele ngenzeni ukuze ngisindiswe na?"

NoPawulu wamtshela, "Kholwa eNkosini uJesu Kristu."

94 "Kholwa eNkosini uJesu Kristu." Hhayi ukuthi, "Wozani, ujoyine ibandla lethu, usukume phambi kwebandla, futhi usho *lokhu*, futhi sizokufafaza, sikucwilise, kumbe noma yini ofuna ukuyenza, ngendlela *yethu*. Futhi uma ungekho ebandleni *lethu*, khona-ke . . . " Kwakungesikho lokho.

Wathi, "Kholwa nje eNkosini uJesu Kristu, neyakho nendlu yakho iyakusindiswa."

95 Uma ungazikholelwa, ungakholelwa indlu yakho, futhi. Yiba nokukholwa okwenele kuNkulunkulu ukuze uzikholelwe, bese-ke ukholelwe abantwana bakho, futhi. Yiba . . . Lokho kukholwa okufanayo kuzosindisa abantwana bakho okwakusindisa, uma nje uqhubeka nokukhuleka. UNkulunkulu uzophendula umkhuleko, ungakhathazeki. Mcele nje, futhi ukukholwe, futhi ukuthole kugxiliswe okwehange enhliziyweni yakho, qhubeka nje uqhubeke, yileyondlela okwenziwa ngayo. Yebo, mnumzane.

96 Manje, sithola ukuthi u-Abrahama wayengumuntu ojwayelekile nje, noNkulunkulu wambiza, futhi wathi ngaye Wayezomenza uyise wezizwe, "Akunandaba ukuthi wenzani, Abrahama, awudingi ukuba wenze neyodwa into, Ngikwenzile." O, ngiyakuthanda lokho! O, ngikuthanda kahle kakhulu lokho, ukuthi ngi . . . Kuxhuxhumisa inhliziyo yami nje ukucabanga ukuthi akukho engingakwenza. Uma bekukhona noma yini ebengingayenza, bengingeke ngiyithole, kodwa kuyilokho Angenzele khona. Hhayi lokho engiyikho, lokho Ayikho; akusikho lokho isithembiso sami esiyikho, yilokho isithembiso saKhe esiyikho.

97 Yileyondlela abantu namhlanje, bafanele babe. . .Manje, abaningi babazalwane bebeka izandla phezu kwabagulayo, lokho kulungile, kodwa lelo yisiko lamaJuda, lokho akuzange kuqondiswe kwabeZizwe.

IJuda lathi, "Woza, ubeke isandla saKho phezu kwendodakazi yami, futhi izosinda."

Kodwa oweZizwe wathi, "Khuluma iZwi nje, inceku yami izophila." Lowo ngumehluko. "Yisho iZwi nje."

UJesu waphendukela kumaJuda, wathi, "Angikutholi ukukholwa okunjalo kwa-Israyeli."

98 Niyabo, emihlanganweni, wonke umuntu ongena emihlanganweni bafanele bakholwe eNkosini uJesu Kristu. Uma. . .uJesu usevele ukuphulukisile, "Yalinya*zwa* ngenxa yeziphambeko zenu, ngemivimbo yaYo niphili*siwe*," vele, inkathi edlule, sekuvele kuphelile. Wena nje. . . "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi."

99 Wena uthi, "Kuthiwani ngalokho ukubona okufihlakeleyo nezinto obuzenza, Mfowethu Branham na?" Leso yisiqinisekiso, lokho kufakazisa ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe. Wethembisa ukuthi Uyozenza lezozinto, nangu Uyakwenza. Uma Egcina iZwi elilodwa, Ugcina konke okweZwi laKhe. Uma Engagcini iZwi elilodwa, Akagcini nayiliphi laLo; Ugcina konke okweZwi laKhe.

100 Angeke akuphulukise, ukuba Ubehamba khona lapha manje, khona kulesisakhiwo, Ubengeke akuphulukise, uma ubungaMbona ebonakala, njengoba ubungangibona mina, noma umelusi, noma omunye umuntu, Ubengeke akuphulukise, Usevele ukwenzile. Kodwa Angahle akukhombise isizathu esithize, ukufakazisa ukuthi WayeyiNkosi yakho, ngoba Uyokwenza into ethize njengoba Enza emuva lapho ukufakazisa ukuthi WayeyiNkosi yakho.

101 Manje qaphelani, sithola ukuthi u-Abrahama, uNkulunkulu wamtshela, wathi, "Manje, zahlukanise nezihlobo zakho, zahlukanise nazo zonke izihlobo zakho, phuma, yiba naMi futhi Ngizokubusisa." O, akumangalisi lokho na? "Ngizokubusisa uma uzozahlukanisa." Kodwa yilapho inkathazo ivela khona.

102 Ifika lapho-ke inkathazo, abantu abafuni ukuzehlukanisa, abafuni ukwehlukana namaphathi abo amakhadi, izinto zezwe, uzama ukuletha lokho ngqo ebandleni kanye nabo. Ufanele uzehlukanise nabangakholwayo, ungazibophi ejokeni nabangakholwayo, "Phumani, nehlukaniswe," isho iNkosi.

103 Manje, izwe lifuna abaxubanisi. Niyazi, izikhathi eziningi, ngenkathi ngikwelinye ibandla lehlelo, babevame ukungitshela, bathi, "Manje," bebeyothi, "Ba—ba. . .Ungumxubi omuhle ngempela. Ngikholwa ukuthi besingamthumela ezansi *lapho*. . . Impela, uthatha onke amanenekazi nabayeni bawo futhi ahambe

ayobhukuda, u—udlala ukuwaka nabo, futhi banomdanso phansi ekamelweni elingaphansi, futhi o, umxubi omuhle."

104 UNkulunkulu akabafuni abaxubanisi, Ufuna abahlukanisi, "Ngahlukaniseleni uPawulu noBarnaba."

105 UNkulunkulu ufuna abahlukanisi, izwe lifuna abaxubanisi, iHollywood ethize encane, izinwele eziyifindo, nokunye nokunye kanjalo, bangasukuma, futhi baxubane nezixuku. Futhi a—abantu bafuna ubusha, bafuna umfo othize omncane osanda kuphuma ekholiji, owazi zonke izinkomba, nakho konke.

106 Bayothatha umfo omncane kanjalo, kodwa bafanele bahlinzwe kanye, babone uma bethola udokotela omusha osanda kuphuma nje, leso yisehlakalo sakhe sokuqala. O, qhabo, ukusika kulowomzimba womuntu ufuna udokotela ohlinzayo omdala owaziyo ukuthi wenzeni, okade ekhona. Kunjalo. Isizathu ukakhulu impela ngalomzimba, kodwa kuthiwani ngomphefumulo wakho, uvumela okunye ukusika kulokho na?

107 Umzimba wakho uzofa, uzobhubha, kunjalo, kodwa unomphefumulo oPhakade, kodwa awufuni ukuthatha indoda ekade isenkonzweni isikhathi eside, futhi eyedlule ezimpini, futhi ebe nezehlakalo, futhi yama ngakwabafileyo, nabafayo, njalo, futhi ubabhekisise ngenkathi befa, futhi ubone i . . .

108 Lezozehlakalo ezincane ezindala azifinyeleli entweni, ziyoshabalala njengayo yonke into lapho ukufa kugadla kumuntu, udokotela ubajova ngehayipo, futhi ubezwe bedazuluka becela umusa, futhi bememeza, nakho konke, lokho akusebenzi (Kepha ngiyanitshela, udaba oluhle oludala lwensindiso, bhekani ebusweni bukaJesu Kristu ngenhliziyo emhlophe, futhi nidumise uNkulunkulu, afe ekhuluma ngezilimi, yebo, mnumzane, ongcwele wangempela kaNkulunkulu, yilokho okubamba osukwini, ngehora lokufa. Niyabo?), futhi lowo ngomunye umfo owazi nje inqwaba yesayense yezenkolo, futhi ongazi lutho ngoNkulunkulu; sifanele sazi ukuthi uNkulunkulu uyini, siMazi ngesehlakalo somuntu siqu sakhe.

109 Manje, Wathi, "Zahlukanise," kodwa ngabe u-Abrahama wakwenza na? Qhabo, mnumzane. Futhi uNkulunkulu akazange ambusise waze walalela ngokugcwele lokho uNkulunkulu athi akakwenze. Manje, ngizosho lokhu eBandleni: IBandla alisoze laqhubekela phambili, uze ulalele ngokugcwele lokho uNkulunkulu athi kwenze, ungeke nje wakwenza. UNkulunkulu wenza isithembiso, u-Abrahama wazulazula, kanjalonjalo, futhi uNkulunkulu akazange ambusise ngokugcwele size sifike ngale esahlukweni 13 sika-Eks- . . . sikaGenesisi.

110 Futhi siyathola-ke ukuthi kwaqubuka ukuqophisana okuncane phakathi kwabelusi, kanjalonjalo, futhi uNkulunkulu ukubonile lokho kufika, ngakho u-Abrahama, enjengomKristu,

wathi kumshana wakhe uLoti, wathi, "Makungabikho ukuxabana phakathi kwethu, ngoba singabazalwane." Wathi, "Manje, thatha ukukhetha kwakho, uma uya empumalanga, ngizoya entshonalanga; futhi uma uya entshonalanga, ngizoya empumalanga. Thatha nje. . . " Lowo ngumnumzane ohloniphekile ongumKristu wangempela. Niyabo? "Hamba ngenye indlela, nami ngizohamba ngenye. Masingaqophisani, abelusi bethu bangaqophisani."

111 Awu, uLoti, engonomhobbholo, wakhombisa ukuthi wayeyini, wabuka phansi lapho futhi wabona izinto ezinkulu esezakhiwe vele, wayengafuni ukuhamba noNkulunkulu yedwa, wayefuna ukuzixubanisa nezwe.

112 Yilokho nje ibandla elakwenzayo. Esikhundleni sokuqhubeka noNkulunkulu, kwadingeka lizidonse futhi likuxubanise nezwe. Niyabona ukuthi sikuphi kulobubusuku na? Niyabona ukuthi ibandla likuphi na? Kunjalo impela, mngane.

113 ULoti wayesezansi lapho, enomhobholo, futhi wehlela eSodoma, futhi wayelokhu encikise ithende lakhe ngaleyondlela, ngoba mhlawumbe uNkk. Loti wayefuna lolohlobo lwezingubo ababezigqoka ezansi eSodoma, futhi wayefuna ukuba kanjalo, noLoti wayefuna ukuba ngusomabhizinisi omkhulu, athonywe edolobheni, ngoba wayecabanga ukuthi mhlawumbe wayengenza amadola ambalwa engeziwe, noma okuthize. Kwase kuthi-ke yena, uthola, wayenendawo enhle ezansi lapho, kodwa wayehlubukile, wayehlubukile. Manje, lelo yibandla lenyama.

114 Wehlela eSodoma, futhi wehlela lapho futhi waxubana nezwe, lapho izimpendukezelo nakho konke okunye kwakukhona, futhi wathatha amadodakazi akhe ezansi lapho, futhi wathatha eyakhe, bonke abantwana bakhe, umkakhe nayo yonke into, futhi wabafaka ngqo ekuxubaneni kwesigejane kanjalo.

115 Futhi ngenkathi ezahlukanisa, ngoba lokho kwakukuye ekuqaleni, futhi lapho esezehlukanise ngokugcwele, khona-ke uNkulunkulu wabusisa u-Abrahama, Wathi, "Abrahama, uthathe indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Wazehlukanisa ukuba uhlale phandle lapha emazweni angenalutho, futhi manje Ngizokubusisa, ngoba Ngizokunika konke okuncinyane kwalelizwe, kuwe nenzalo yakho emva kwakho, Ngizokunika konke." Manje, Wathi, "Vuka nje futhi ubuke empumalanga, enyakatho, entshonalanga, naseningizimu, futhi uhambe ezweni lonke." Amen. Ngiyakuthanda lokho. "Hamba uzungeze, konke kungokwakho."

116 O, ngiyakuthanda lokho. Kufana nomhubhe omkhulukazi esibhaphathizelwa kuwo, ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye. Futhi kulowoMzimba

nguKristu Jesu, futhi ngaMoya munye sibhaphathizelwa kulowoMzimba, futhi sibe ngamalunga alowoMzimba. Nakho lapho okhona.

117 Niyabo, manje, njengokuthi uma i. . .Kungumhubhe omkhulu. Manje, inqwaba yabantu iyangena nje, ithi, "Awu, ngizokwemukela uJesu njengoMsindisi wami, futhi angifuni Yena angithumele esihogweni, kodwa ngi—ngizoMemukela njengoMsindisi wami, ngizoma khona phakathi *lapha*." Kodwa leyo akusiyo indlela yokuba kube yiyo, uma ungumnikazi womhubhe omkhulu, uhambe uzungeza, ubone ukuthi unani.

118 Manje kinina maBaptisti, maMethodisti, nePresbyterian, uma ningakholwa ukuthi uMoya oNgcwele uqinisile, uma ungakholwa ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kulungile, awubuki ngani eMhubheni na? Uqalaze, futhi udonse lelidrowa. Uma omunye umuntu enginika indlu enkulu, bengiyohamba ngizungeze, ngibone ukuthi nginani, ngihogela izindaba, ngiyathanda ukuhambahamba, ngibone ukuthi yini engeyami.

119 Awu, ngenkathi ngingena kuKristu, ngangifuna ukuthola ukuthi nganginani. Amen. Ngithola ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwakungokwami, injabulo yayingeyami, imifula igeleza, ukuPhila okuPhakade, amandla, ukuPhila okuPhakade, umusa, zonke lezizinto zazingezami. Into ethize yayibukeka iphakeme kancane, ngazitholela ilada, futhi ngakhwela, ngase ngidonsa, futhi ngakubuka. Kunjalo. Uma ngibona into ethize engingakwazi ukufinyelela kuyo, ngilokhu ngiqhubeka nje ngikhuleka eladini likaJakobe ngize ngifike phezulu lapho futhi ngikubuke.

120 "Yebo, Nkosi," ngiyabona lapho Enikeza khona imibono, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Izinto eNgizenzayo, niyoyenza. Ngizoba nani. Celani enikuthandayo, Ngizoninika khona." Konke lokho ngokwami, ngiyindlalifa, amen, indlalifa. Ngokufa kukaJesu Kristu, ngiba yindlalifa kukho konke, sonke isithembiso. Ngiyindlalifa, ngakho-ke nginelungelo lokuthi ngiqalaze, ngibone engi*yindlalifa* yakho.

121 Kuthiwani uma omunye umuntu ethe ubunefa elikhulu ezansi lapha eCalifornia ndawondawo oyi*ndlalifa* yalo, othize wakushiyela ifa kukho na? Ubungathi, "O, ngiqagele kulungile"? O, qhabo! Ubuyosuka phezulu lapho, mfowethu, futhi uthathe abameli, nakho konke okunye, futhi ubuyobona ukuthi yini onayo. Awuyiku. . .thathe cishe lokhu ukuphila, lokhu—lokhu kuphila kwemvelo, kodwa lapho sekufika ekuPhileni okuPhakade, lapho sewemukele uJesu Kristu njengoMsindisi, yini ungaboni oyindlalifa kukho na? Amen.

Sonke isithembiso eNcwadini singesami,
Sonke isahluko, onke amavesi, wonke umugqa.
(Kunjalo.)

Ngithembele othandweni lwaKhe lobuNkulunkulu,
Ngokuba sonke isithembiso eNcwadini singesami.

Ngiyindlalifa ezintweni zonke ngoKristu, ngiyindlalifa ekuphulukisweni kwami, ngiyindlalifa enjabulweni yami.

Ngiyindlalifa yensindiso, ngithengwe nguNkulunkulu,
Ngazalwa ngoMoya waKhe, ngagezwa eGazini laKhe.

122 Yebo, mnumzane. Ngiyindlalifa, umntwana weNkosi, ngiyindodana kaNkulunkulu. Amen. Yonke into uNkulunkulu ayethembisile ingeyami. Ngiyizindlalifa kanye neNkosi uJesu. Amen. Ngiyathanda ukubhekisisa.

Wathi, "Abrahama, phuma bese uqalaza ezweni, ubone ukuthi yini engeyakho. Uyakubona *lokho* na? Konke lokho kungokwakho."

123 O, ngiyakuthanda lokho. Qalaza, ubone ukuthi unani eza kuwe. Awuhambi ngani kusasa futhi ubuke eBhayibhelini bese ubona, wena, ubone ukuthi uyindlalifa yani na? Ubone nje ukuthi zonke lezizibusiso ezinkulu a—Akwethembisa zona, uyindlalifa yakho, kungokwakho, awuzange uzuze lutho, kodwa kwakungubu*ndlalifa* kuwe ngeNzalo elungileyo ka-Abrahama, okwakunguJesu Kristu. "Thina, sifile kuKristu, sithatha iziNzalo zika-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naYe zesithembiso."

124 Manje-ke uma uyiNzalo ka-Abrahama ukholwa yikho konke uNkulunkulu akushilo, uNkulunkulu wathi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Ngiyindlalifa kulokho. Amen. Ngaba yi*ndlalifa* kulokho. Awu, zonke lezizibusiso Azethembisa, ngiyindlalifa kukho. Khona-ke ngi—ngiyi . . . lokho—lokho kuyifa lami.

125 Lapho uNkulunkulu esindisa umuntu Umnika ibhuku lamasheke elikhulu. Ekugcineni kwalo linakho konke . . . iGama likaJesu libhalwe kulo, ekugcineni kwebhuku lamasheke. "Noma yini eniyicela eGameni laMi, lokho Ngiyokwenza." INzalo ka-Abrahama iyakukholwa lokho. Vele ugcwalise isheke bese ulithumela phakathi, idiphozi isivele yenziwe, isebhange.

126 Kwedlula kanjani na? Hhayi ngokulunga kwakho, kodwa ngokulunga kweNzalo yobuKhosi elungileyo, uKristu. NguYe owafaka idiphozithi lapho, idiphozi isebhange. Ngiyakukholwa, anikukholwa na? Khona-ke ungesabi ukubhala isheke, ibhange lizolikhokha, iBhange laseZulwini lizokhokha lonke isheke. Yebo, mnumzane.

127 Into yokuqala, kuzofanele kwedlule endlini yokushintsha, kunjalo, ukubona ukuthi ukukholwa ngempela yini noma

qha. Uma ukukholwa, kuzodlula endlini yokushintsha, ungakhathazeki ngalokho, futhi izimali zizobuyela kuwe masinya nje lapho edlula endlini yokushintsha. Kunjalo.

128 Uma phansi enhliziyweni yakho ukholwa ngeqiniso ukuthi leso yisithembiso sikaNkulunkulu, futhi usemukele enhliziyweni yakho, sicele eGameni likaJesu Kristu, siyabuya. UNkulunkulu wethembisa kanjalo; leyo yindlalifa. Siyizindlalifa zensindiso nezindlalifa kanye naYe, futhi siyizindlalifa kanye no-Abrahama, ngoba siyiNzalo ka-Abrahama.

129 Manje, uma wenze izinto ngokungesikho, uma uchezukile emgwaqeni omdala ogandayiwe futhi wawelela ohlangothini lwezwe, awukasilahli isivumelwano sakho, dadewethu, mfowethu, awukalahlekelwa yisivumelwano, uvele walahlekelwa yi—yizibusiso zesivumelwano. Buya, phuma eGibhithe, buyela phezulu lapha ezweni elithenjisiwe, ungene lapho uNkulunkulu athi ufanele uhlale khona, "Uma nihlala kiMi," uJohane oNgcwele 15, "namaZwi aMi ehlala kini, ningacela enikuthandayo, futhi niyakuphiwa khona." Kodwa hlalani phakathi lapho. "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi lihlala kini . . . " Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Yisithembiso sikaNkulunkulu.

130 "Uma nihlala kiMi," lokho kusho ukuthi hlalani lapho. Ningagijimeli eGibhithe futhi nigijimele izinto zezwe. "Uma nihlala kiMi, amaZwi aMi ehlala kini, ningacela enikuthandayo, futhi niyakwenzelwa khona." Leso yisithembiso saKhe. Uma uyiNzalo ka-Abrahama, khona-ke hlala kulesosithembiso. Uma uphumile kuso, ubuyele kuso, uzongena enkathazweni ezansi lapho eGibhithe, buya ungene ezweni lesithembiso.

131 Manje, siyathola-ke wazehlukanisa; noNkulunkulu akazange ambusise ngokuphelele u-Abrahama waze waMlalela ngokugcwele futhi wazehlukanisa. Futhi uNkulunkulu akasoze abusisa umuntu ngamunye, noma ibandla, noma inhlangano yebandla, noma ihlelo, lize lizinikele ngokugcwele ekulaleleni uNkulunkulu.

132 Ihlelo lilungile uma ubungalibhala kanje: "Siyakholelwa kulokhu, *ukhefana*." Kodwa lapho ubhala inhlangano, "Siyakukholwa lokhu, *ngqi*. Woza ku*lokhu* kungenjalo ungezi nhlobo." Uma ukufunda, "Ngiyakukholwa lokhu, *khefana*, kanye nalokho uNkulunkulu azongikhombisa khona," khona-ke kulungile. Kunjalo. "Uma ngizo . . . Ngiyakholwa . . . Sine . . . Sikholwa *lokhu*, kanye nanoma yini esingayithola kuNkulunkulu lokho okungcono." Niyabo, kodwa uyakuqeda, "Siyakukholwa *lokhu*."

133 Kwenzekani kuLuther ngokushesha nje lapho uLuther ebona iNsika yoMlilo na? Ngani, waYilandela. Kodwa wenzani na? Emva kosuku lukaLuther, bahlela ibandla elalibizwa

ngoLuther, khona-ke kwafa khona lapho enhlanganweni, ngoba nje kufana nebandla eliKatolika.

134 Manje-ke, into yokuqala niyazi, ngalapho kufika uWesley. INsika yoMlilo yaphuma ngqo enhlanganweni, yaqhubeka, uWesley wayibona, futhi washo waYilandela. Futhi kwathi nje umzuliswano wokuqala ungaphela, balihlela, balibiza ngeMethodisti kaWesley, noma i—ibandla leMethodisti, ngenkathi belihlela, lafa khona lapho.

135 Khona-ke iPentecostal yaYibona iphuma, hhayi ekulungisisweni phansi kukaLuther, ukungcweliswa phansi kukaWesley, kodwa babona umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, babuyela esibusisweni sasekuqaleni. Lapha baYilandela, o, he, baphuma base beqala ukukhuluma ngezilimi, namandla kaNkulunkulu esebenza ngabo. Kodwa benzani na? Balihlela, lafa khona lapho. Kodwa manje iNsika yoMlilo iyaphuma, Iyahamba futhi. Akusoze. . .

136 Akukaze nakanye kuvuke inhlangano engafanga futhi ingaphinde ibuye futhi. Ngiphosela inselelo noma yimuphi usomlando. Ngibuka ebusweni lapho omunye wababedlula bonke okhona esizweni. Kunjalo. Usomlando wosomlando uhlezi nathi ngqo. Futhi ngizocela leyondoda, kumbe noma yimuphi omunye umuntu, ukuba ake angikhombise kanye ibandla elake lahlela, kodwa alifanga futhi lahlala lifile. Alizange liphinde livuke emlandweni wamabandla omhlaba, alizange livuke. UNkulunkulu akakufuni lokho, uNkulunkulu ufuna sikhululeke kuYe. Usifuna siye endaweni lapho esingamukela khona konke okukaNkulunkulu, singahlali kulentaba, siphume; iNzalo ka-Abrahama.

137 Manje, wena uthi, "Uphambene nenhlangano na?" Qhabo, mnumzane. Izinhlangano ilungile, kodwa udweba umugqa womncele, nquma wonke umuntu ngaphandle komfo ongakholwa njengoba nje wenza. Into esifanele siyenze ngukwelula izingalo zethu kwiLuthela, iMethodisti, nabo bonke, kuye endaweni lapho esingaba nenhlanganyelo omunye nomunye, ngenkathi iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lihlanza kuzo zonke izono, size sifike kulokho, sizofa nje, sihlale khona lapha futhi sishwabane njenge-apula elidala elishwabene.

138 Futhi lapho uba njengokusatokoloshe njengohlobo lwesihlahla olunezithelo ezimnandi, futhi uhlale ngalapho, "Awu, ngingoka*S'bani-bani*." O, he! Akusekho kuPhila okungena kukho, niyabo (Ngeke nje sakwenza lokho. Qhabo, sifanele size futhi sibe kuKristu Jesu, siyizindlalifa, izindlalifa kanye naYe.), manje, size sizehlukanise nezinto zezwe.

139 Manje, niyabo, ibandla ngalinye liqala ukuzithola . . . Manje, wena uthi, "Ngabe ukhuluma nje ngamaMethodisti na?" Qhabo, ngikhuluma ngabo bonke, bonke, iPentecost yethu, ngokufanayo

nje njengabo. Futhi akukho-muntu onenhliziyo eqotho kulendlu ngaphandle kowaziyo ukuthi ibandla lePentecostal lithola nje njengawo onke amanye amabandla. Bangaki okukholwayo lokho na? Phakamisa isandla sakho. Ngiyabonga ngezinhliziyo eziqotho. Kunjalo. Kufana nje nabo bonke abanye, awu-ke, lokho yiphutha, lokho akulungile. Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu angehlelwe. Azofanele abe yikho, ngukukholelwa kukho. Haleluya!

140 O, mfowethu, ukuthi uNkulunkulu uyozivusa kanjani zonke izinhlobo zezinto uma iBandla lizongena esimweni nje ukuba likwemukele, kodwa Akasoze akha isisekelo saKhe phezu kokuthile umuntu akubekile. "Ngokuba asikho esinye isisekelo esingabekwa ngaphandle kwaleso esibekiweyo, uKristu Jesu, iNdodana kaNkulunkulu," nesambulo Ayezokwakhela iBandla laKhe kuso, sikaKristu Jesu. Yebo, mnumzane. Menze abe nguye izolo, namuhla, naphakade, UyiNzalo ka-Abrahama impela nje namhlanje, njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Futhi thina kuYe, siyizindlalifa kanye naYe, nobaba u-Abrahama, ngokuba UyiNzalo ka-Abrahama, uKristu wayeyiNzalo ka-Abrahama.

141 Manje, ukwehlukana okugcwele, sifanele siphume. Wena uthi, "Ngingaphuma enhlanganweni yami na?"

Qhabo, hlala enhlanganweni yakho, kodwa izwe maliphume kuwe, yilokho-ke, hhayi inhlangano yakho.

Uthi, "Awu, ngingowe-Assemblies."

Lokho kuhle njenganoma yimuphi wabo.

"NgingowePresbyterian."

Lokho kuhle njenganoma yimuphi wabo.

"Ngingowe-Oneness, iTwoness," noma ngabe kuyini.

142 Lokho kuhle njenganoma yimuphi wabo, zonke ziyizikhungo ezenziwe ngumuntu. Kunjalo. Kodwa lokho akusiyo into. UngokaKristu na? Ngabe uyiNzalo yaKhe na? Ngabe ufile kuKristu futhi uyiNzalo ka-Abrahama na? Khona-ke unokukholwa kuNkulunkulu ophilayo. Uyoba yisibonelo kubo bonke labobantu ophakathi lapho. Sukuma, uzenze umKristu wangempela. Zithintithe, uthuli lusuke kuwe, vuka, akuthi dwe kuwe uqobo, sisempini.

143 SisoNyakeni weBandla laseLawodikeya. Bangaki abangaqonda ukuthi sisoNyakeni weBandla laseLawodikeya na? O, mfowethu, asenze okuthize ngakho-ke, asenze okuthile ngakho. Masingabanjwa kulolohlobo lwesimo noKristu ngaphandle ezama ukungqongqotha ukuba angene, asiMngenise. Thina sikuYe, khona-ke siyizindlalifa zakho konke. Konke kungokwethu. O, ngiyakuthanda lokho. Zonke izithembiso!

144 O, ebusukwini obuthi abube bubili kamuva, emva kokuba sengiqedile ngalokhu, ngifuna ukuMehlisela eNtabeni

yokuGuqulwa isimo, ngikhombise ukuthi uNkulunkulu wenzani kuYe lapho, ukubekwa kweNdodana yaKhe, bhekisisani ukuthi Uwakhipha kanjani amanye amadodana, futhi enza into efanayo. O, he, ingcebo enkulu kangaka ekuleliBhayibheli! Yeka ukufunda izindaba ezindala ezihlekisayo, nokubuka izinhlelo zethelevishini ezindala ezingalungile, bese ubuyela ebandleni, ukuyokhuleka.

Futhi ngakho, wena uthi . . . owesifazane wathi, "Awu, a—angikwazi nje ukuthola isikhathi sokufunda iBhayibheli lami kubantwana bami."

145 Ngani, uSusanna Wesley, wayenabantwana abayishumi nesikhombisa, futhi wayechitha amahora amathathu ngosuku, engenawo umshini wokonga, akacindezelanga inkinobho, egeze izitsha zakhe, akavulanga umpompi futhi akhiphe amanzi amancane kanjalo, wayewathwala esuka emthonjeni ngelidala, ibhakede lokhuni nesigubhu soswela sokukha amanzi, wawathwala esuka emthonjeni, futhi wakhulisa abantwana abayishumi nesikhombisa, futhi wayengachitha amahora amathathu ngosuku emkhulekweni. Wakhulisani kukho na? UJohn noCharles, haleluya, yebo, mnumzane, impela, amadoda azamazamisa izwe ngezinsuku zawo.

146 Esikudingayo namhlanje akusesikho . . . ongomama nabantu abazehlukanisele, babeke uNkulunkulu kuqala. Yilokho-ke. Sibeka konke okunye kuqala, "Awu, ngingowomphakathi ezansi *lapha*."

147 O, ngingoweNhlangano, nami, Iphezulu *lapho*. Niyabo, leyo yiNhlangano ukuba ube kuyo, iNhlangano kaJesu Kristu, abampofu, abehlisiwe, abantu abalahliwe, ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo. Kunjalo. Ngiyajabula kakhulu ukuba ngowaleyoNhlangano. Zahlukanise, phuma ezweni, ungabi ngabahlanganyeli nabo. U-Abrahama wazehlukanisa, noNkulunkulu wambusisa, futhi unikeza sonke isithembiso Amnika sona, Waziqinisa kuye ngenkathi ezahlukanisa.

148 Futhi lapho uzehlukanisa nezinto zezwe, ukungakholwa . . . Sinye kuphela isono, sinye kuphela isono, lokho ngukungakholwa. Ukubhema osikilidi akusiso isono, ukuphinga akusiso isono, ukuthatha iGama leNkosi ngeze akusiso isono, lokho yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa, lokho yingoba awukholwa, isizathu sokuba wenze lokho. Niyabo? Isono ukungakholwa. "Ongakholwa uselahliwe vele." Awukwazi ngisho ukufinyelela esisekelweni sokuqala ngaphandle uma ukholwa lonke iZwi likaNkulunkulu, futhi ubize noma yini enye kuLo njengokungathi kwakungamanga. Amen.

149 O Nkulunkulu, ngifisa sengathi ngabe bekukhona enye indlela ebenginga—bengingathatha abantu nje, futhi ngibe nakho kujeke, futhi ngikuthululele phansi emphinjeni wabo,

bese-ke ngikumisa, ukuze kungaphumi. Yebo, mnumzane, ukuze bakwazi ukukubona. Angiqondile ukuba luhlaza, kodwa ngi—ngiyazama . . . Lokhu akusikho, angikushongo lokho kube yihlaya, lena akusiyo indawo yamahlaya, leli yipulpiti, lena yindlu kaNkulunkulu, yindawo enikelwe kuYe, lapho iVangeli nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele kufanele kwaziwe.

150 Ungami lapha ukuba ubonwe, noma uklabalase ukuba uzwiwe, NguMoya oNgcwele ngeZwi. Niyabo, yilokho esifuna ukukwenza, ngukubuyisela abantu kuNkulunkulu futhi, ukubona abantu besuka ezitaladini futhi bengaphandle kwezwe, bangene endlini yeNkosi, kamnandi nangokuzotha kuMoya oNgcwele, bekhonza ngoMoya, uMoya oNgcwele uhamba udabula eBandleni ngezibonakaliso nezimanga neziphiwo.

151 O, lonke iZwi liyinkolelo. Uma uyi, uma uyindodana nendodakazi kaNkulunkulu, akukho nelilodwa iZwi kuleliBhayibheli, obungalengisa umphefumulo wakho kuLo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

" . . . ngikhulekelwe izolo ebusuku, kodwa uyazi ukuthi isandla sami esikhubazekile asingcono, kufanele ukuthi ngikugejile." Lowo akusuye umntwana ka-Abrahama. Qhabo.

152 Ngenkathi uSara, akwenzanga mehluko, ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, wayengasafani njengabesifazane befanele babe njalo owayezoba nabantwana, nenyanga yokuqala, inyanga yesibili, inyanga yesithathu, esikhundleni sika-Abrahama eya ngokuba buthakathaka ngokuba buthakathaka, waba namandla futhi waba namandla, amen, waqhubeka wenyuka, "O, haleluya, kuzoba kukhulu kunalokho okwakuyikho!" Niyabo? Kwaze kwedlula iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, futhi wayenamandla ekupheleni kweminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kunoma wayenjalo emuva lapho ngenkathi eqala ukuqala. Wavele wambozwa ngamandla ngaso sonke isikhathi, ethi, "Akabongwe uNkulunkulu, gcina nje amabhuzu elungele, iyeza. Yebo, mnumzane, ehamba, ingane izozalwa."

"Wazi kanjani, mfo omdala na?" Iminyaka eyikhulu ubudala, "Wazi kanjani na?"

"UNkulunkulu washo njalo." Yilokho-ke. Kunjalo.

153 Manje, uma siyiNzalo ka-Abrahama, khona-ke sithi, "Awu, ngikhulekelwe izolo, kodwa angingcono," o, iNzalo ka-Abrahama, iNzalo ka-Abrahama! Thatha uNkulunkulu eZwini laKhe. UNkulunkulu wenza isithembiso, uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe, kungenjalo Akasuye uNkulunkulu.

154 UNkulunkulu wenza isithembiso ukuthi Uyokhombisa lezizibonakaliso ngezinsuku zokugcina. Ukwenzelani na? Ukuze abantu bezokugxeka, njengoba benzile izolo ebusuku.

Lapho benza lokho, bazibeka uphawu kuze kube phakade basuke kuNkulunkulu, uJesu washo njalo, "Izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, noma izwe elizayo." Niyabo?

155 Futhi into ethize efana naleyo izofanele iye phambili, ukuze uNkulunkulu . . . UNkulunkulu olungileyo wayengeke athululele ulaka lwaKhe phezu kwabantu abalungile, luzofanele lufike phezu kwabangakholwayo, abantu abalahlayo. Kunjalo impela. Izwe lizofanele liyibone leyonto ngaphambi kokuba bakwenqabe, futhi akwenqabe, khona-ke uNkulunkulu uzothulula nje ulaka lwaKhe. Kunjalo impela.

156 Yingalesosizathu Enza phezu kuka-Israyeli, futhi bonke bafela phakathi lapho. Ngenkathi—ngenkathi uTitus engena, ethathe udonga, ngani, igazi lagobhoza laphuma laze layofika ematomini amahhashi, cishe impela, basho njalo. Abesifazane babulala abantwana babo uqobo futhi babadla, badla ixolo esihlahleni, utshani emhlabathini, ama-Israyeli, amalunga ebandla, athembekile, amadoda angcwele, ayelazi kahle impela iZwi. Kodwa enzani na? Ehluleka ukukholwa iSibonakaliso seqiniso uNkulunkulu awanika sona, uMesiya, futhi asikhokhela. UNkulunkulu wayenobulungiswa ekwenza nje, ubungcwele baKhe buyakudinga. Abukho ubulungiswa ngaphandle kokujeziswa.

157 Awu, wena uthi, uma kukhona ilambu elibomvu phandle lapho, ngedlule ilambu elibomvu, "Ubungafanele nenze wenze lokho," lokho akusikho ubulungiswa. Kunenhlawulo yokwedlula lelolambu elibomvu, inhlawulo, uyahlawuliswa ngakho. Umthetho ngaphandle kobulungiswa akuwona umthetho, ufanele wena ube nobulungiswa, nobungcwele bukaNkulunkulu budinga ubulungiswa.

158 Futhi iNdodana yaKhe yakhokha intengo ukuhlenga wena, futhi uma wala ukuyithatha, futhi uthathe ubusonto obuthize, noma *okunye okuthize*, okugcina umthetho ngamehlo ngaphandle, kanjalo, ungeke wasola uNkulunkulu. Ilambu elibomvu lishwibeka phambi kwenu, liyashwibeka khona manje. Yebo, mnumzane. Ungakweqi lokho, usemgqeni oyingozi.

159 Ningabantwana bakaNkulunkulu, buyelani esivumelwaneni senu, buyelani ezweni lesethembiso. Yini isethembiso na? UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, "Isethembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakulabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Isithembiso singesabo. Yebo, mnumzane.

160 Manje, siyathola ngenkathi u-Abrahama ezehlukanisa, uNkulunkulu ufika kuye, wathi, "Abrahama, konke *lokhu* kungokwakho." Manje, Wayengakaze akusho lokho ngaphambi kwalokho. Kodwa, niyabo, wayesalokhu eboshelwe phansi nokwakhe kulenga, umucu omncane *lapha*, izinto eziningi

kakhulu ezixegayo, wayesenaye uLoti, nabaqophisanayo, kanjalonjalo.

161 Ngakho-ke ngenkathi esezahlukanisa, wafika ngempela lapho uNkulunkulu ayemtshele khona, u-Abrahama, khona-ke uNkulunkulu wabonakala kuye, wathi, "Manje, Abrahama, sukuma uhambe udabule izwe, libuke, lingelakho lonke. Ngikunika ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, Ngikunika insindiso, Ngikunika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, Ngikunika zonke lezizithembiso, zonke zingezakho, Abrahama. Zibuke, ubone konke onakho." Niyabo? "Bona nje ukuthi yini engeyakho. Manje, konke kungokwakho, Abrahama."

162 Sengiyambona ubaba u-Abrahama ebuka nje, ethi, "Akabongwe uNkulunkulu! Ngingumnikazi wa*leyo*ntaba, ngingumnikazi wa*le*ntaba, ngingumnikazi wa*lokho*, ngingumnikazi wa*lokhu*, ngingumnikazi wa*lokho*, konke kungokwami." Amen. Kungaleyondlela-ke. Yonke into eBhayibhelini ingeyami, ngiyindodana ka-Abrahama, ngiyiNzalo ka-Abrahama, wena uyiNzalo ka-Abrahama.

163 Kodwa, niyabo, ufanele uze endlini yokushintsha kuqala. Lunga, buyela emuva ungene ezweni lesethembiso, lapho uMoya oNgcwele ungubumnandi endlebeni enhliziyweni yakho nsuku zonke, futhi uphila impilo, o, he, inkazimulo kaNkulunkulu ithululela phezu kwakho ubumnandi beNkosi uJesu. O, lokho kuyikho ngempela. Khona-ke nje, *into ethize* enhliziyweni yakho ikubamba, "Ihange lami liyabambelela," *unento ethize* phandle lapha ekudonsayo, uyazi ukuthi ushukumisa kahle.

164 Bhekisisa iBhayibheli, ubone ukuthi kanjani... abakwenzayo ngalolosuku, buka emuva futhi ubone uma izinto ezifanayo zinawe, ubone ukuthi ngabe isehlakalo esifanayo ababenaso emuva lapho siyisehlakalo sakho. Uma kunjalo, khona-ke kulungile, cela noma yini nje oyithandayo, hlala ngqo eZwini, cela okuthandayo, uzophiwa khona.

165 Manje, ngifuna ukuya kwelinye futhi ivesi. Angicabangi ukuthi sizoba nesikhathi sokufika kokunye, ngizokuthola, mhlawumbe, kusasa ebusuku. Nansi enye futhi indawo engifuna ukuya kuyo, emva kokwehlukana, esahlukweni 14, sithola enkulu, into egqamile ngaphambi kokuqinisekiswa kwesivumelwano. Mhlawumbe ngizoyithola kusasa ebusuku.

166 Kodwa ukuqinisekiswa kwesivumelwano, manje, u-Abrahama uphuma ezweni, impela, wawela umfula i-Ewufrathe, abaningi benu bakwenza, wabhaphathizwa, wafika ezweni. Manje, ungabuyeli ngqo wehlele eGibhithe, hlala khona lapha ezweni, lalelani, hlalani ngqo esithembisweni saloBaba, niyabo. Hlala ngqo ngaphansi kukaMoya oNgcwele, akunandaba...

167 Ungazifanisi nomuntu wezwe, zifanise naYe. Niyabo? Mbheke, bheka impilo yaKhe. Ungenzi njengoba u*S'bani*-

*bani* enza, uDadewethu Susie, noma uMfowethu Jackson, kumbe noma kungahle kube ngubani, unga—ungabukeki kanjalo, ungenzi njengabo, vele uhambe naYe. "Gcwalisa indlela yami nsuku zonke ngothando, lapho ngihamba neJuba laseZulwini." Hlala naYe nje ngqo, bhekisisa ukuthi kukwenza ube nobumnandi kanjani, futhi kunqamula lonke izwe. O, he, awukhathali ukuthi abantu bathini, uhamba noNkulunkulu.

168 Lapha esikhathini esingeside esedlule, unkosikazi nami saya ngale kwigrosa, futhi sasisezweni lakithi. Ngi . . . O, kusobala, babengeke bakwenze lokho eCalifornia, kodwa ngale ezweni lami . . . Si . . . Ngingena ngivela ndawondawo engangikade ngikhona, ngiyakholwa, phandle eziqhingini, eziQhingini zaseCarribean. Ngiyabuya, futhi wathi, "Awu, S'thandwa, ngiyajabula ukuthi ukhona," wathi, "sifanele siye esitolo," wathi, "ukuyothenga igrosa."

169 Ngathi, "Kulungile, sizosuka." Futhi ngaphuma futhi ngagwedla imoto endala, futhi—futhi ngakho saqala, sehla. Awu, ngahambana lapho, futhi ngaqaphela, futhi ngi . . . nga—nga—ngabuka, futhi emva kwesikhashana, sibone okunye kokubona okuyinkinga kakhulu esasikubonile, kwakungoJulayi, u-Agasti, into efana naleyo, ezweni lakithi, ngabona inenekazi elaligqoke ingubo. Futhi ngacabanga, "Akuxakile lokho na?" Niyabo? Laligqoke ingubo. Bonke babenjalo, begqoke izikhindi ezincane, noma ngabe babezoba ngomama noma qhabo, baqhubeka nazo. Futhi—futhi abanye babo . . .

170 Wathi . . . Ngathi, "Buka, lokho aku—lokho . . . ? Akabukeki yini njengenenekazi na? Ufake isiketi." Ngathi, "Akuxakile lokho na? Angikaze ngikubone selokhu ngibuyile, angicabangi." Niyabo? Ngase ngithi, "Akunjalo re- . . . ?"

171 Wathi, "Bill, kukhona engifuna ukukubuza khona." Wathi, "Manje, uyayazi leyontombazane emi khona lapho ekhoneni, uyazi ukuthi ikuphi, iyasonta, uyazi."

Ngathi, "A-hha."

"Awu," wathi, "kungani ukuthi—ukuthi thina . . . ? Ba—ba—bangabantu njengathi."

Ngathi, "Impela, njengoba sinjalo nje, impela."

172 Wathi, "Awu, kungani—kungani benga . . . ? Ba—ba—bayakholwa, baya esontweni, nezinto ezinjalo." Wathi, "Kungani kuyinto ethize kithi ingasivumeli sikwenze na?"

Ngathi, "Awu, si—si . . . "

Wathi, "Ngani, bangabaseMelika nje, ngokufanayo njengoba sinjalo thina."

Ngathi, "Yilokho okuyikho, bangabaseMelika, asinjalo."

Wathi, "Ini?"

Ngathi, "Qhabo, asisibo abaseMelika, qhabo."

173 Uma uya eJalimane, uthola umoya waseJalimane. Niyabo? IJalimane inomoya kazwelonke. Uya eSweden, uthola umoya wamaSwidi.

174 Manje, ngenkathi ngiseJalimane sasinakho, uMfowethu Arganbright ulapha ndawondawo, futhi saba nomhlangano omkhulu, sasilinganisa cishe abaphendukile abayizinkulungwane eziyishumi ubusuku ngabunye, nezinkulungwane ezingamashumi amahlanu ngobusuku obuhlanu ababhalisa amaJalimane, amakhomanisi, kanjalonjalo, eza kuKristu. Futhi khona-ke ngehla ngomgwaqo, futhi lapha kwakuyilaba abangcwele bephethe ingilazi kabhiya enkulukazi ezandleni zabo, bempongoloza, "Udumo! Haleluya! Ayibongwe iNkosi."

175 Futhi ngawelela lapho ukuba ngihlale phansi etafuleni, elingcwele, ikhaya elimesabayo uNkulunkulu, futhi bonke wayethela lowobhiya ngapho, ngacabanga, "Nkosi yami!" nxazonke kanjalo.

176 Futhi bona, ngakho ngangidla, bonke baqala ukukhuluma ngesiJalimane omunye komunye, bangibuka, noDokotela Guggenbuhl wathi, "Bayamangala ukuthi kungani ungawuphuzi ubhiya wakho."

177 Futhi ngacabanga, "A-o." Ngathi, "Yisho engikushoyo." Wathi . . . Ngathi, "Ngiqagele kulungile," ngathi, "kodwa, uyabo, ngazalwa ngaphansi kokuzalwa komNazari, bengingafanele ukubhema, ukupilomba, noma ukuphuza noma yini."

O, lokho kwakulungile, "Akabongwe uNkulunkulu," baqhubeka nje bephuza. Leyo yiJalimane.

178 Ngaya e-Italy, ngeke bakubekele amanzi, yiwayini. Futhi ngaphumela ekhemisi ngase ngizitholela amanye alawa lapha amanzi athonsiselwe, ayekujeke, ayenokunye kwalena efana nemivini, isongwe yonke indawo. Ngiqagele wonke umuntu wayecabanga ukuthi ngiphethe uhlobo lwami uqobo. Ngakho ngangihambahamba ngiphuza kulojeke ngaso sonke isikhathi, niyabo, kodwa kwakungamanzi athonsiselwe. Ngangingalifuni iwayini labo, qhabo. Kodwa, niyabo, lowo ngu—lowo ngumoya wamaNtaliyane.

179 Futhi uwelela eFinland, ngangiphakathi lapho, futhi basiyisa ngaleya ukuyonikeza, bathi, "Sehlela ezansi eYMCA futhi—futhi sibe nokugeza umzimba ngesitimu." Lokho ngukugeza kwaseFinland.

180 Ngenkathi ngehlela lapho, ngacabanga ukuthi into ethize izwakale ixakile kabi, ngathi, "Angikholwa ukuthi ngiyafuna, ukuthatha okukodwa." Futhi *ngandlela thize enye* ngenkathi bonke abazalwane bengena lapho, nakhu kufika owesifazane omncane onekhanda elimhloshana ephuma nesixheke samathawula, ehamba ezungeza lapho lawomadoda

ayekhunyulwe khona, ngathi, "Hheyi, hheyi, ungakwenzi lokho!"

181 Futhi wangibuka, wathi ukuhleka, waqhubeka wangena. Futhi lapha babephandle lapho nalabo besifazane bekhuhla lawomadoda phandle lapho, ngathi kuDokotela Manninen, ngathi, "Lokho akulungile."

"O," wathi, "bangabesifazane abakhuhlanayo nje, njengabahlengikazi benu baseMelika, into efana naleyo."

Ngathi, "Angikhathali ukuthi kuyini, uNkulunkulu akazange akuhlose ukuba kube ngaleyondlela." Kunjalo, kodwa leyo yiFinland. Niyabo?

182 Futhi ufika eMelika...Ngenkathi ngi...Ngabe ukhona umuntu owake waba se—eYurophu eRoma, futhi wehlela eSaint Angelo na? Ihlazo esizweni sakithi, ngisho nase-Italy, kunesayini, khona lapho eceleni komgede wokungcwaba waseSaint Angelo, kwathi, "Besifazane baseMelika, sicela nembathe izingubo ukuhlonipha abafileyo lapho ningena lapha." O, he!

183 UMfowethu Arganbright nami sasihlezi lapho sidla, enza kahle kakhulu ngesiteki esimnandi, kwaze kwathi uMiss United States wavuka nobucwebe obenele ezandleni zakhe ngalesisitolo sezinto zikasheleni, usikilidi uphume cishe kude *kangako*, nezibuko ziphume *kanje*, nenja enekhala elide, futhi wayibeka etafuleni. O, kukwenza ube namahloni, isizwe esifanele ukuba yisizwe samaKristu!

184 Lokho akukwenzi kube ubuKristu. Qhabo, mnumzane. Asisibo abaseMelika, sihlala lapha, njengobuzwe, izidalwa ezingabantu, siphila ngaphansi kwalokhu, yisizwe esikhulu kunazo zonke emhlabeni, mayelana nalokho, kodwa ngiyanitshela, njengoJoan wase-Arc nje ngesikhathi sombhedukazwe waseFransi, iFransi yayidinga umbhedukazwe, kodwa-ke yayidinga okuphikisana nombhedukazwe, yilokho iMelika ekudingayo, idinga imvuselelo nokuphikisana nemvuselelo, kunjalo, ukuqondisa ezinye zezinto ezisemabandleni nezimpilo zabantu. Intando yeningi ilungile, kodwa-ke sidinga imvuselelo embusweni wentando yeningi ukuyiqondisa, lokho kuyiqiniso impela. O, uma singabaseMelika, uma...sizalwa singabaseMelika abakhululekile, esibongayo ngakho.

Ngathi kumkami, "Kodwa, uyabo, sivela kwelinye iZwe, S'thandwa."

Wathi, "Yiliphi elinye iZwe na?"

185 Ngathi, "EZulwini, sizalwa Phezulu. Ngakho-ke, phezulu lapho..." Ngathi, "AbaseMelika? Impela, wonke umuntu uyakwenza lokho. Bayaphuma, babheme osikilidi, bagqoke izingubo ezingenasimilo, amadoda eshaya ikhwela futhi

eqhubeke kubo, futhi ebagqolozele, futhi abe nokuphahlazeka, nakho konke okunye," ngathi, "lokho ngabaseMelika." Kunjalo. Labo ngabaseMelika, oklebe. Niyabo? Kunjalo.

186 Baphuma begqolozela, bebukeka bengcolile, bengcolile, bengamesabi uNkulunkulu, bengahloniphekile, baya ebandleni, abadikoni, ngisho nabashumayeli. Yebo, kunjalo. Bangene ebandleni, futhi ba-act-. . .bazibiza ngamaKristu, futhi beziphatha kanjalo na? Kwenzekani na? BangabaseMelika, lowo ngumoya waseMelika.

187 Nihlalelani ekhaya ebusuku, nibuke amahlaya kuleyothelevishini abengafanele axoxwe esigejaneni samatilosi adakiwe, izinhlelo ezingahlungiwe, nalo lonke loluhlobo lombhedo ongcolile na? Abanye omama abadala nobabayi sebecishe impela bafe, futhi babanike ithelevishini ukuba bahlale ekhaya bengayi esontweni. Abakudingayo ngukubuyela emhlanganweni womkhuleko, babuyele kuNkulunkulu. Kunjalo. Akumangalisi sesilungele ukuba nebhomu le-athomu negama lethu kulo, kusifanele ngokufanelekile. Kunjalo impela. Senze okungalungile, futhi sonile kuNkulunkulu. UNkulunkulu angathumela uMoya oNgcwele waKhe ezweni lonke . . .

188 Lapha esikhathini esingeside esedlule edolobheni lakithi kwakukhona owesifazane ehambahamba, wayeno—nomfana omncane, wayehambahamba, futhi wayesesitolo sezinto zikasheleni, futhi wayenyakazisa izinto ezincane, wathi, "Uyakubona, S'thandwa na? Uyakubona, S'thandwa na?" Inganyana yavele yahlala nje futhi yagqolozela, yagqolozela. Wathi, "Uyakubona, S'thandwa na? Buka lapha, lokhu akukuhle na? Uyakubona na?" Umfanyana wavele wagqolozela. Ekugcineni, waba nokuhayiza kakhulu wawa ngale kwekhawunta.

189 Abanye babantu esitolo baya ukuyobona ukuthi yini eyayingalungile kuye. Bathi, wathi, "O, qhabo, ngeke kwalunga." Wathi, "Umfana wami omncane," wathi, "usanda kuthatha nje, kukhona okungahambanga kahle nganye cishe sekwedlule unyaka, futhi uvele nje ahlale futhi agqolozele. Futhi noma yini efanele ihehe ukunaka komfana omncane oyintanga yakhe, ayisamhehi, nhlobo." Wathi, "Uvele ahlale nje futhi agqolozele."

190 Futhi wathi, "Manje, udokotela uthe ubengcono, kodwa," wathi, "akanjalo, ngingamkhombisa izinto ngempela umfana omncane afanele aheheke kuzo," wathi, "akakunaki," wathi, "uyagqolozela nje."

191 Yilokho nje ibandla elikwenzile. UNkulunkulu uthumele zonke izipho ebandleni okungacatshangwa ngazo, Ubeno-Oral Roberts, uBilly Graham, nazo zonke izinhlobo zezibonakaliso nezimanga; nebandla lihlezi nje bese lithi, "Awu, ngingowa*leli*, nokho, niyabo," lihlale nje futhi ligqolozele. Kukhona

okungalungile, ngokwengqondo, ngokomoya okungalungile ebandleni. Yebo, mnumzane.

192 Uboshelwe kakhulu—uboshelwe kakhulu emhlabeni, njengenkukhu, hhayi ukhozi, inkukhu phansi emhlabeni, ukufukama okuboshelwe emhlabeni, iqhwisha ehhokweni, ingadli ukudla kokhozi kwezibhakabhaka, inyoni yasezulwini. Niyabo? Kodwa ibandla seliphenduke laba phansi njengezinkukhu, lifika endaweni lapho nje kuyizwe, nezinto zezwe, ligwinya into enjengaleyo, ukukuletha ebandleni, nenkolo yokuxhumana nabantu, nakho konke . . . O, kubi kabi!

193 Ungahle ungangithandi emva kwalokhu, kodwa, mfowethu, ngoSuku lokwaHlulela igazi lakho aliyikuconsa ezandleni zami, futhi leyo yinto eyodwa, kunjalo, niyolazi iqiniso. Yenzani ngakho noma yini enifuna ukuyenza, kukini. Kodwa wena . . . lokho ngukuthi . . .

194 Ngathi, "Izakhamizi zoMbuso weZulu zizalwa nguMoya ophezulu *lapho*, hhayi ovela phansi *lapha*."

195 Noma ngabe iJuda, umFulentshi, noma owaseMelika, noma kuyini, abasibo abalelizwe, bangabomdabu balowoMbuso. Ngokuba thina esizisho ukuthi singamaKristu, simemezela ngokucacile ukuthi sifuna uMuzi, oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Sibheke uMbuso ozayo. Futhi sizisho ukuthi siyizihambi nabafokazi kulelizwe, sizulazula, sibheke lowoMbuso ukuba ufike emhlabeni njengoba unjalo eZulwini, sibheke izithembiso zikaNkulunkulu ukuba zigcwaliseke, iNzalo ka-Abrahama.

196 U-Abrahama wazehlukanisa nazo zonke izinto zezwe, futhi wahamba ezweni elingaziwa, ezisho ukuthi wayengumhambi, umfokazi. Wayengesuye owalendawo, wayebheke lowoMuzi, futhi wazulazula ezingwadule nezinto, ebheke uMuzi. Futhi yonke iNzalo ka-Abrahama yenza into efanayo, ibeka eceleni konke okusindayo, futhi sizisho ukuthi siyizihambi. Asisiwo amalunga ebandla, siyizihambi. Asiziphathisi okwezwe, siyizihambi nabafokazi, siziphatha ngokuyinqaba ezintweni zezwe. Sifuna uMuzi, oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu.

197 Ngiyakubuza, mngane ongumKristu, ngiyakubuza, mngane oyisoni, ukuba-ke ubufa kulobubusuku, iMelika ibingakusindisa na? Uyoba kuphi eminyakeni eyizinkulungwane eziyishumi kusukela kulobubusuku na? Uyoba kuphi, mhlawumbe, uzobe usekuseni na? Indawo oya kuyo ingahle ibekwe uphawu kulobubusuku, awazi. Ake ngikuxwayise, lungisana noNkulunkulu. Thola umoya . . . Yazana nezinto zaseZulwini zalowoMoya wehla uvela eZulwini lapho ubungcwele bumi khona, lapho iziNgelosi zikaNkulunkulu imi khona, lapho uJesu Kristu emi khona ngakwesokunene sikaNkulunkulu ebukhosini, nasenkazimulweni, ubungcwele,

namandla kaNkulunkulu, khona-ke uhamba njengesihambi lapha, ngoba ungowezizwe lapha, awusuye owalelizwe.

198 "Anisibo abalelizwe, bantwanyana, nami angisiye owalelizwe. Ngiyakukhulekela." Niyabo, uJesu ekhulekela iBandla laKhe, ukuthi bangabi ngabezwe. Abasibo abezwe, angikhathali, awusuye owaseMelika, awusuye umSwidi, awusuye owaseYurophu, ungumKristu. Futhi uma ungumKristu, umoya wakho uvela phezulu Lapho, ngakho kukwenza uphile ubungcwele, ufune ukuba ngcwele, ufune ukuziphathisa okukaKristu, uziphathise okukaNkulunkulu. Sonke isifiso sakho siseZulwini, futhi hhayi esezwe.

Okunye futhi ukuphawula, uma nithanda, umzuzwana nje. Sinemizuzu eyishumi ncamashi ukuba siphume ngesikhathi.

199 Manje-ke kwenzekani kuLoti ngenkathi ethatha ukukhetha kwakhe na? Kwenzekani na? Inxushunxushu yangena khona manjalo. Kwakuyini na? Amanye amakhosi ehla futhi athatha uLoti, futhi amthatha, iSodoma, futhi athatha omkabo, futhi athatha yonke into, futhi ahamba nakho.

200 Bhekisisani u-Abrahama esahlukweni 14 manje, uMoya kaKristu obusisiwe phezu kwakhe, walandela umfowabo owile. UMoya kaKristu ku-Abrahama, walandela umfowabo owile, futhi wambuyisa. U-Abrahama, umshumayeli wokulunga, walandela umfowabo owile, umfowabo wehlelo, futhi wambuyisa. Wambuyisa ukuze abe nelinye ithuba, emva kokuba uSathane esemkhiphile, wambuyisa ukuba abe nenhlanganyelo futhi.

201 Futhi yikuphi—yikuphi ukuhlonipha okukhulu uLoti akunikeza na? Ngabe waqhubeka ephuma no-Abrahama ethi, "Baba Abrahama, kade nginephutha. Ngiyazi manje, ngigeje izibusiso, ngathatheka phandle lapho, ngaphumela ezweni. Manje, ngiye nga. . .Ngiyazi—ngiyazi u—ungibuyisile, ngiyakuthakasela. Ngizohamba futhi ngithathe indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi." Qhabo, wabuyela ngqo wehlela eSodoma futhi, futhi lapho, onakele, wangena eSodoma. Ngabe kunjalo na?

202 Kodwa bhekisisani u-Abrahama, sengivala nje manje, kwakuyinto enhle kanjani pho! Ngenkathi u-Abrahama ebuya ekubulaleni amakhosi, bhekisisani ukuthi kwenzekani: uMelkisedeki uyaphuma ukumhlangabeza. UMelkisedeki, owayeyiNkosi yaseSalema, iNkosi yokuthula, iNkosi yokulunga.

203 Wayengubani na? Wayengenayise, Wayengenanina. Wayengesuye uJesu, ngoba uJesu wayenakho kokubili uyise nonina. Kodwa leNdoda yayingenayise, ingenanina. Uma ufuna ukwehlisa lokho, thatha amaHeberu, isahluko 7. Wayengenayise, engenanina, akazange aqale ukuPhila, futhi akazange aqede ukuPhila. WayeyiNkosi yaseSalema, okwakuyiNkosi yaseJerusalema, eyiNkosi yokuthula, eyiNkosi yokulunga.

Engenanina, engenayise, engenasizukulwane, engenakuqala kweminyaka, noma ukuphela kokuPhila.

204 WayenguNkulunkulu, impela Kwakunguye. Wehla esimweni sikaMelkisedeki, futhi Wahlangana no-Abrahama (Bhekisisani, lena yingxenye enhle.) emva kokuba impi isiphelile.

205 U-Abrahama, umshumayeli wokulunga, wayehambe wangena kwabanjalo nje, futhi—futhi waphumela entweni yokungamesabi uNkulunkulu, futhi ehlwitha umfowabo, ukuba ambuyise, "Buya, Mfowethu, buya!" Ngabe kwayisiza yini imvuselelo ka-Abrahama na? Qhabo, uLoti wawa ngqo emuva ngale eSodoma futhi, lapho wabhubha ehlazweni namadodakazi akhe, kanjalonjalo, wabhubha lapho.

206 Kodwa emva kuka-Abrahama, oweqiniso, olungileyo kaNkulunkulu, ngenkathi ekade enemvuselelo, futhi emva kokuba impi isiphelile, uMelkisedeki wahlangana naye, no-Abrahama waMnika okweshumi kwempango. Futhi uMelkisedeki wamupha ini na? Iwayini nesinkwa, iSidlo, emva kokuba impi isiphelile.

207 UJesu wathi, "Angisayikubuye ngikudle nani, ngize Ngidle lokhu kabusha nani eMbusweni kaBaba waMi." Lapho impi isiphelile, nceku kaNkulunkulu, ngolunye usuku uMelkisedeki, iNkosi enkulu yokuthula, iNkosi enkulu yaseZulwini, engenayise, engenanina, engenakuqala kokuPhila, noma ukuphela kokuPhila, noma, engenakuqala kwezinsuku, noma ukuphela kokuPhila, Uzohlangana nathi emva kokuba impi isiphelile, futhi asinikeze iSidlo.

208 O, Nzalo ka-Abrahama, ayibusiswe inhliziyo yakho. Anijabuli yini ukuthi ningaba yiNzalo ka-Abrahama, inceku kaNkulunkulu ilwa nezinto zezwe na? Futhi, o, kuyenza kanjani inhliziyo yakho izwe ukubona lona impela ibandla enilithandayo liwela ezweni! Futhi ufinyelela kukho, futhi ukudonse, ka*njalo*, futhi uzame ukukunyakazisa, futhi ukukhombise, kuzoshushumba kubuyele ngqo kuphume entweni efanayo. Niyabo? Kodwa khumbula:

> Lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele!
> Siyothwala umqhele! Yebo, siyothwala umqhele!
> Futhi lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele
> EJerusalema elisha.
> Sithwale umqhele, sithwale umqhele,
> Sithwale umqhele ogqamile nocwebezelayo.
> Futhi lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele
> EJerusalema elisha.

209 Emuva ezansi eKentucky, lapho engivela khona, iMissionary Baptist Church endala, umehluko kuphela

engiwubonile phakathi kwabo nePentecost kwakungubufakazi obubonakalayo bokuqala, ukukhuluma ngezilimi. Ngangibabona labomama abadala, befake lezozigqoko ezindala, kanjalo, nezigqoko ezindala zezinwele phezulu ezinweleni zabo, futhi kanjalo. Babema lapho, futhi basukume futhi bacule lelo, beshwiba lezozigqoko ezindala, izinyembezi zehla ezihlathini zabo, futhi badazuluke futhi bakhale futhi babone imibono kaNkulunkulu. "Lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele!" Balindile lapho kulelogabade elidala kulobubusuku, ndawondawo ezansi lapho ukuvuka, ngokuba:

> Ngalokho kusa okukhanyayo nokungenamafu
> lapho abafele kuKristu beyovuka,
> Babelane nenkazimulo yokuvuka kwaKhe;
> Lapho abasindisiwe bomhlaba beyobuthana
> ngaphesheya kolunye uHlangothi,
> Lapho amagama ebizwa phezulu ngaleya . . .

210 Ngifuna ukukhombisa izimpawu zempi. Ngifuna uku . . . Anifuni ukusiza ekutholeni umuntu othize asindiswe na?

211 Ngesinye isikhathi uKesari wayezokwenza idili elikhulu nombukiso omkhulu, futhi wathi, "Ngifuna ukuthola indoda ehloniphekile ukuba ihlale eceleni kwami ukuba igibele." Zonke izikhulu zapholisha izihlangu zazo—zazo, futhi zalungisa izimpaphe zazo, futhi zenza izinkemba zazo zabenyezela ngempela, futhi zamasha ngakuKesari *kanje*, zigqoke ezinkulu zazo, izingubo zehlelo, zihamba zedlula kanjalo, "Kesari, uyabona ukuthi ngingubani na?" UKesari wahlala futhi wazibuka, wazibuka.

212 Ngokuqondile indoda encane endala ihamba ngezinyawo idlula yonke ishayiwe futhi inezibazi, ithi ukukhothamisa ikhanda layo. UKesari wathi, "Awume kancane. Woza lapha." Wathi, "Wenzani unezibazi wonke kanjalo." Wathi, "Wazitholaphi lezozibazi na?"

Wathi, "Phandle enkundleni yempi, ngilwela wena."

Wathi, "Khuphukela lapha, nguwe ozogibela ulinganisane nami." Kunjalo.

213 UPawulu wathi, "Ngiphethe emzimbeni wami izibazi zikaJesu Kristu." Lapho impi isiphelile, lapho eyethu . . . ngolunye usuku sizoshumayela intshumayelo yokugcina, sivale iNcwadi okwesikhathi sokugcina saYo, sicule ihubo lokugcina, sikhuleke umkhuleko wokugcina, futhi lapho sekunjalo, impi iyophela kimi ngolunye usuku, impi izophela kini, ningakhathazeki, ngoba khona-ke sizohlangana noMelkisedeki, umPristi oMkhulu kakhulu, umPristi oMkhulu kaNkulunkulu, iNkosi yethu uJesu Kristu, Ozosinika iSidlo, sihlale phansi emva kokuba impi isiphelile. Kuseyisikhathi, asibambe laboLoti, nezinto, esingakwazi, futhi sizame ukubadonsa baphume eSodoma, ngoba si—sifanele sikwenze.

214 Kwangathi iNkosi inganibusisa lapho sikhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko. Nisakhothamise amakhanda enu namehlo enu evaliwe, ngithanda ukunibuza umbuzo owodwa oqotho, nginibuze into eyodwa nje: Ngabe ungumKristu na? Uma ungenjalo, ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, "Mfowethu Branham, ngiwele eceleni kwendlela, ngingathanda ukubuyela kuNkulunkulu. Ngingathanda uku—ngingathanda ukuvuselela inhlanganyelo yami. Ngehlele eGibhithe, ngi—ngi. . .Ngifuna ukuvuselelwa, ngifuna ukubuyela ezweni lesethembiso. Ngikhulekele, Mfowethu Branham, kulobubusuku, njengoba uvala." Ningaziphakamisa izandla zenu na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kuvulandi osesitezi? UNkulunkulu. . .

215 Ngabe omunye phezulu kuvulandi osesitezi ubengathi, "Mfowethu Branham, ngake ngaba nokunqoba, ngake ngaba ngumuntu omesabayo uNkulunkulu, kodwa *ngandlela thize enye* ukhula, nameva, nezinto kungiminyanisile phansi, angikho lapho ebengifanele ngibe khona, ngiyazi angikho, ngikhulekele, Mfowethu Branham"? Kulungile. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Angabakhona omunye na?

216 Ngabe ukhona oyedwa lapha ongakaze amele uKristu, ongazi lutho ngokuzalwa ngokusha, ongakaze amemukele uMoya oNgcwele, awusuye umntwana kaNkulunkulu, futhi uyazi uma uNkulunkulu ubengeza kulobubusuku, athumele uJesu emhlabeni, ukuthi ngempela ubungeke uhambe naYe oHlwithweni, futhi ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni njengesoni na? Ningaziphakamisa izandla zenu, bese nithi, "Ngikhulekele, Mfowethu"? UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle, lokho kukahle. UNkulunkulu akubusise. Kukhona omunye obengaphakamisa isandla sakho, athi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, a—angifuni ukushiya lelizwe kanje"?

217 Manje, bukani, akunandaba ukuthi uke wenzeni empilweni, ufanele ukushiye khona lapha emhlabeni, yilokho kuphela okuthumela phambi kwakho, eNkazimulweni, okubalulekile. Futhi uma ungesuye umKristu, kungani ungenzi nje njengoba uphakamisa isandla sakho na?

218 Ngibone umfana oyinjejane, ngaso lesisikhathi, lapho izimpambano-mgwaqo zokuphila, bephakamisa isandla sabo, "Ngifuna ukwazi uJesu njengoMsindisi wami." Ngiyakhuleka uNkulunkulu uzokwenza umshumayeli ngomfana.

Ngibona inenekazi eliselincane emuva lapho liphakamisa isandla salo, itshitshi nje.

219 Khona lapho yonke into, khona lapha emfucumfucwini yalesi sibumbatha sesono nobuwula bezwe, futhi nokho insizwa nentombi bephakamisa izandla zabo, "Ngifuna ukwazi

uJesu njengoMsindisi wami." Mm! UMoya oNgcwele uyabazi abaKhe uQobo. Manje, ubungeke ukwenze lokho, Mfowethu, nawe ubungeke ukwenze, Dadewethu, ngaphandle kokuba uNkulunkulu ekhulumile kuwe, kukhona *okuthize* lapho.

220 Manje, khumbulani, ngenkathi uphakamisa isandla sakho, wephule yonke imithetho yesayense isayense eyake yaba nayo. Isayense ithi izandla zakho zifanele zilengele phansi, amandla adonsela phansi abamba izandla zakho phansi, njengoba ekubamba phansi emhlabeni. Ngakho-ke lapho uphakamisa isandla sakho, lokho kukhombise ukuthi bekukhona umoya kuwe obungashaya indiva amandla adonsela phansi, kukhona umoya kuwe owenze isinqumo, "Ngifuna ukwazi uKristu," futhi waphakamisa isandla sakho ngakuMenzi wakho.

221 Ubungeke ukwenze lokho ngaphandle kwaKhe emi ngakuwe, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi; ozayo kiMi aNgisoze ngamlahlela ngaphandle. Ngiyomnika ukuPhila okuphakade, futhi ngimvuse ngomuhla wokuphela." Isethembiso esinje pho! Okwenzile ngenkathi uphakamisa isandla sakho, bekungokukaNkulunkulu.

222 Manje, sisakhothamisa amakhanda ethu ngomkhuleko, uma uzizwa uholeleka ukuba usondele kakhudlwana kuNkulunkulu, uma ungathanda ukuba sikhuleke nawe, uma ubheka, futhi uzobona ezinkonzweni zokuphulukisa, ngenkathi Ezazi izinhliziyo zabantu, wenza izimpumputhe zibone, izithulu zizwe, izinyonga zihambe, unikeza insindiso, UnguNkulunkulu ofanayo, kulobubusuku. Ningenyukela lapha e-altare na? Ubungenyukela lapha, futhi uthi, "Mfowethu Branham, manje ngiyaMemukela, into enkulu kunazo zonke ebingenziwa, ngifuna ukwemukela uKristu njengoMsindisi wami," sisakhuleka na?

223 Baba wethu waseZulwini, iZwi libukhali, ngempela, Nkosi, futhi Liyasika, kodwa abantu uhlale nje ngesineke nangobumnandi. Futhi, Baba Nkulunkulu, ngibeka lesisisekelo emuva ukwazisa lamaKristu ukuthi awalahlekelwanga yisivumelwano sawo, sanikwa bona ngaphandle kombandela, kodwa bayolahlekelwa ngumvuzo wabo uma bengabuyeli ezweni lesethembiso.

224 Balahlekelwe yinjabulo, izwe liqala ukungena ngesinyelela ebandleni, siyabona ukuthi liba kanjani. Futhi kungokweZwi laKho, ayikho indlela esingakumisa ngayo, Baba. Kodwa sizama ukuthola labo abavumayo ukuza, ngokuba sikholwa ukuthi lolu wubizo lwehora leshumi nanye, ukumemeza kwaphakathi nobusuku kulungiselela ukunikezwa. Isayense ithi kungaphansi kwemizuzu emithathu kube phakathi kwamabili, lapho umhlaba wonke uzoqhunyiswa ube yizicucu. Ukuba-ke olunye uhlanya lungadedela elinye lalawomabhomu kulobubusuku,

futhi liyongena kwesinye sezikrini irada na? Zonke izizwe emhlabeni beziyodedela amabhomu. Izwe ngeke lasinda kukho, Baba.

225 Kodwa ngaphambi kokuba lokhu kwenzeke, Wenza isithembiso ukuthi siyobe sesihambile. Ngakho uma bekungenzeka ngaphambi kokusa, amaSputnik, nezwe belingafika ekupheleni, ngomzuzwana nje, futhi siyakubona ngokwesayense, khona-ke uma kusondele kangako, kusondele kangakanani ukuFika na? lapho kuyofika ngaphambi kwalokho, uHlwitho lweBandla. Asiyikumela izahlulelo, Wasikhokhelela lokho. SikuWe, sikhululekile ekwahlulelweni, "Nxa Ngibona iGazi, Ngodlula kini."

226 Baba, Nkulunkulu, busisa iBandla lakho, futhi mabazi ukuthi—ukuthi sizama ngayo yonke inhliziyo yethu ukubona iBandla lePentecostal langempela, ligcwaliswe ngoMoya wakho, lenza izimangaliso nezibonakaliso. Abaningi babo baphakamise izandla zabo kulobubusuku, ekufakazeni ukuthi bawile endleleni yezinyawo endala. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobabuyisa, kulobubusuku, baphume eGibhithe, baphume kogaliga neshaladi laseGibhithe, ukuba badle uKudla kweNgelosi phandle lapha ogwadule noNkulunkulu. Siphe khona, Baba. Sisohambweni lwethu oluya eNkazimulweni.

227 Ngiyakhuleka, Baba, ngalensizwa nentombi abaphakamise izandla zabo kulobubusuku, lelibhungu netshitshi. O Nkulunkulu, lezozinhliziyo ezithambile, ngikhulekela ukuthi Uzobahlwitha emililweni yaPhakade. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi bangeza kamnandi kuWe, futhi banikele izimpilo zabo kuWe. Siphe khona, Nkosi, bangabakho. *Ngandlela-thize enye* amazwi ahlabayo nalukhuni ashunyayeliwe kulobubusuku, ngikholwa ukuthi ngiholelwe ukuba ngenze futhi ngisho lokho engikwenzayo nengikushoyo ngokuthi . . . ngoMoya wakho, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobabusisa manje, futhi kwangathi bangeza kamnandi kuWe. Siphe khona, ngoJesu Kristu.

228 Sisasele namakhanda ethu ekhotheme, ngifuna ukucula ikhorasi elilodwa, *NgiyaMuzwa UMsindisi Wami Ebiza*. Futhi manje uma nifuna ukwenyukela lapha, futhi asikhuleke siqu nani, sizojabula ukukwenza. Gcinani amakhanda enu ekhotheme nje, onke amaKristu akwaziyo ukukhuleka, khulekani.

> Ngiyamuzwa uMsindisi wami ebiza,
> Ngiyamuzwa uMsindisi wami ebiza,
> Ngiyamuzwa uMsindisi wami ebiza,
> "Thatha isiphambano sakho, ulandele, uNgilandele."
>
> Lapho Engiholela khona ngi . . .

Uzokwenza na? Ungenyukela lapha nalendoda esikhulile na?

Lapho Engiholela khona ngiyolandela,
. . . Engihola ngiyolandela,

Mngane oyisoni, uzoza na?

. . . Engihola ngiyolandela,
Ngiyohamba naYe, naYe yonke indlela.

Lapho Eholela khona . . .

229 Uzoza na? Guqa phansi nje, khothama . . . Nina bantwana, iNzalo ka-Abrahama, ethathe oluncane, uhambo lwezwe, futhi yehlela eGibhithe, asikuceli ukuba ujoyine lelibandla, manje, sikucela ukuba ubuyele esithembisweni. Uzokwenza na? Buya.

230 Nina besifazane abasebasha phandle lapha, omama benu uqobo babevamise ukuba nalesosehlakalo akhuluma ngaso, nimzwile ngenkathi ekhala futhi enxusa kuNkulunkulu, mhlawumbe wamlandela eya ethuneni, lowomama uzomangala uma ungekho Lapho, woza manje, uzokwenza na? Mngane oyisoni, yenza indlela yakho enyukela e-altare, kulobubusuku.

. . . naYe, naYe yonke indlela.

Ngiyohamba naYe sidabule ensimini,
Ngiyohamba naYe . . .

Uma uyohamba naYe nidabule ensimini, kungani ungezi e-altare naYe na?

. . . nsimini,
Ngiyohamba naYe sidabule ensimini,
Ngiyohamba naYe, naYe yonke indlela.

231 Ngenkathi nise, amakhanda enu ekhotheme, manje lensizwa, nabo yenyukele e-altare, yaguqa phansi. Manje, angazi ukuthi bangaki phakathi lapha, uma abanye benu maKristu basenomthwalo ngemiphefumulo elahlekile. Manje, uma kukhona ezinye izoni, noma ezinye futhi ezifuna uNkulunkulu, ningeza na?

232 Futhi nina enikhathalele imiphefumulo yalababantu manje, uMoya oNgcwele oyilethe e-altare, uzokwenyuka na? Abanye benu bomama nobaba, gaxani ngezingalo lababantwana, futhi nibakhombise ukuthi niyabathanda, futhi ufuna babe yizakhamizi zoMbuso kaNkulunkulu. Ningeza, sisacula futhi, "Ngizohamba naYe yonke indlela"? Uzoza uguqe ngase-altare na?

Soni, woza nabo manje; mhlubuki, woza nabo, futhi. Wozani nje, niguqe ngase-altare, uma nithanda.

Ngiyohamba naYe ekwahlulelweni,
Ngiyohamba naYe ekwahlulelweni,
Ngiyohamba naYe ekwahlulelweni,
Ngiyohamba naYe, naYe yonke indlela.

233 Manje, kungesikho ukuphendula ebandleni, kodwa nje ngifuna ukunikhombisa maKristu ukuthi ngiqonde ukuthini:

Nezoni e-altare, nabantu okungenani abangamakhulu amathathu lapha bephakamisa izandla zabo ukuthi bebengamaKristu, nami nginxusa abantu ukuba beze e-altare, futhi cishe ababili noma abathathu basabelile. Aniboni ukuthi ibandla lifile na? Akusekho ukulangazelela ebandleni ngemiphefumulo elahlekile.

234 Uma lokho bekungaba seBandleni elidala iMissionary Baptisti ezansi eKentucky, ngenkathi lowo wesifazane esukuma emuva lapho ukuba eze e-altare, kwakuyoba neshumi nanhlanu noma amashumi amabili alabomama abadala bemzungezile, edazuluka futhi ekhala futhi ebonga uNkulunkulu ngaye. Niyabo, silahlekelwe yintshisekelo yethu, sagodola futhi sashabalala, silinde nje ukwahlulelwa, yilokho kuphela, okuzothululwa.

> . . . ngokwahlulela,
> Ngiyohamba naYe, naYe yonke indlela.
>
> Futhi . . . Uyangihola ngizolandela,
> Lapho Engiholela khona ngi . . . ( . . . ? . . . )
> Lapho Engiholela khona ngizolandela,
> Ngiyohamba naYe, naYe yonke indlela.

Ngenkathi umculo usaqhubeka udlala, asikhothamise amakhanda ethu-ke ngomkhuleko.

Manje, ngase-altare, bekani izandla zenu phezu kwalabobantwana, phezu kwalabobantu. Asikhothamise amakhanda ethu.

235 Nkosi Jesu, woza, Nkulunkulu onomusa, woza masinyane, Nkosi. Ngikholwa ukuthi amahora asezophela, imvuselelo eMelika isiphelile, sikhothoza kuphela emasimini emvuselelo eshile.

236 Nkosi Jesu, ngikhulekela ukuthi lababantwana abeza ngase-altare kulobubusuku, ukuthi uMoya oNgcwele ungathola inhliziyo eqotho, futhi ubadonsele e-altare. Kulotshiwe eZwini lakho, "Oza kimi angisoze ngamlahlela ngaphandle." Thumela uMoya wakho oNgcwele phezu kwabo, Nkosi. Babusise, ngiyakhuleka, Baba. Banike umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uthethelele izono zabo.

237 Thethelela iziphambeko zebandla nabantu, ukuze sibe yibandla elisemlilweni, Nkosi. Hhayi nje inzalo eyingxenye yehlelo, kodwa i—indodana nendodakazi kaNkulunkulu ezelwe ngokusha ngempela. Siphe khona, Nkosi. Sithumelele imvuselelo, noma usisule emhlabeni, Nkosi, lowo ngumkhuleko wethu. Makuthi imvuselelo ifike, noma usisuse, Baba, izinhliziyo zethu azikwazi ukukumela.

238 Sithumele emasimini ezimishini avuthayo, lapho amashumi ezinkulungwane elindele ukuzwa izwi elilodwa likaJesu, eliyokwenza mnyama i-altare, ukuklabalasa nokukhalela

umusa; futhi, kulobubusuku, ezweni lakithi uqobo lendabuko, sifile, sishisiwe, sihambile, sikhothozisile, sasha nya, ezansi eGibhithe, sadukiswa yizinkanuko eziyizinhlobonhlobo, singenakukwazi ukufunda, noma ukufinyelela ekulazini iqiniso.

239 Baba, Nkulunkulu, sindisa labo abasindisekayo, ngiyakhuleka, njengoba ngehla ukuba ngibeke izandla phezu kwabo. Kwangathi uMoya oNgcwele ungeza, Nkosi, uvuse laba bafo abasha, eGameni likaJesu Kristu, sisakhuleka.

240 Qhubeka ukhuleke, Melusi. Ngiyehla ukuyobakhulekela. [UMfowethu Branham ukhulekela labo abase-altare. Umelusi uhola inkonzo—Umhl.]

> . . . naYe yonke indlela.
>
> Lapho Engiholela khona ngizolandela,
> Lapho Engiholela khona ngizolandela,
> Lapho E . . .

Kunjalo, nsizwa, phakamisa izandla zakho, futhi uMkholwe, Memukele. Lowo nguMoya oNgcwele lapho kanye nawe.

> Ngiyohamba naYe, naYe yonke indlela.

241 Yini ekwenze weza e-altare na? UNkulunkulu ukulethe e-altare. Yini ongayenza ngaphandle kokuvuma izono zakho na? Lowo oyovuma izono zakhe, uNkulunkulu ulungile ukuba azithethelele. Kholwa eNkosini uJesu Kristu manje, Memukele njengoMsindisi wakho siqu, wazi ukuthi Uthethelela izono zakho.

Nsizwa, iNkosi uJesu iyakuthethelela izono zakho, uma uzoYemukela njengoMsindisi wakho. Ubungeke uze e-altare ngesingawe.

Nenekazi nesandla sakho siphakeme, ubungeke uze ngamandla angawakho.

242 Mnumzane, uza uphenduka lapho, umuntu wokuqala ukuba eze e-altare, uyamemukela uJesu njengoMsindisi wakho, futhi ukholwe ukuthi Angasusa umkhuba wakho kuwe, futhi akwenze isidalwa esisha kuYe na? UyaMemukela manje njengoMsindisi wakho na? Ngabe wena ophakamise isandla sakho, uyaMemukela njengoMsindisi wakho, ukholwa ukuthi Uzokunika umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na?

243 Ngabe wena, nsizwa, wenza into efanayo na? UyaMemukela njengoMsindisi wakho siqu na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ungowami. Manje ngiyakholwa eNkosini uJesu Kristu." Yilokho-ke. Yileyondlela. Yilokho-ke, yileyondlela yokukwenza.

244 Nonke nina enizungeze i-altare, ningakholwa kuYe, nikholwe ukuthi Unithatha eZwini laKhe na? Uyakuthatha . . . Noma yini oyivuma kuYe, kholwa ukuthi Uzokwenza, Ulungile futhi uqotho futhi ulungele ukukwenza.

245 Uyakukholwa na? Uma ukukholwa, sukuma ume ngezinyawo zakho. "Ozongivuma phambi kwabantu, yena Ngiyomvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele." Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Amen. Nakho ukuvuma kwakho. Makabongwe uNkulunkulu. ("Lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele." "Lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele.")

Futhi lapho impi isiphelile, si . . .

Manje wozani ngase-altare, nixhawulane nalababantu. Wozani ngapha, nibaxhawule.

. . . siyothwala umqhele,
Futhi lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele
EJerusalema eLisha.
Sithwale umqhele, sithwale umqhele,
Sithwale umqhele ogqamile nocwebezelayo.
Futhi lapho impi isiphelile, siyothwala umqhele,
EJerusalema elisha.

246 Ngifuna ukukubuza okuthize. Inqobo nje uma ubona abantu beza e-altare, belungisana noNkulunkulu, asekhona amathemba ethu namanje. Manje, bukani, lababantu bebengenzani na? "Yini engahlanza izono zami na? Lutho ngaphandle kweGazi likaJesu." Yini ebalethe e-altare na? "Akekho ongeza kimi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." UNkulunkulu wabadonsa. Yini abangayenza na? Woza futhi uvume, "Ngiyisoni. UNkulunkulu uyangithethelela ngenxa kaKristu. Ngizoba ngowaKho, Wena ube ngowami." Khona-ke phendukelani emphakathini, bese nithi, "Ngemukela uJesu njengoMsindisi oqondene nami, Ungowami."

"Oyongivuma phambi kwabantu, yena Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele."

247 Wena, kulobubusuku, oza e-altare ofuna ukuMemukela futhi ukholwe, futhi uMemukelile, futhi kusukela kulelihora phezu kwesithembiso sokuthi nizoMphilela, phendukelani ezethamelini futhi niphakamise izandla zenu. Ngamunye wenu uza e-altare, lensizwa, inenekazi, ezansi phakathi lapha, nendoda esikhulile, phakamisa isandla sakho, uthi, "Manje ngiyakholwa, ngiyaMemukela."

248 Manje, ngifuna ibandla lize ngapha, nixhawulane nabo futhi nibatshele ukuthi niyajabula ukuthi bangamaKristu. Woza ngapha, ungenza okungako, ngeke kukuthathe ngaphandle komzuzwana nje. Xhawula futhi ubatshele ukuthi ujabule, uzobe ubakhulekela.

Thatha ibandla lakho lokuzikhethela.

Futhi lapho impi isiphelile, siyothwala . . .

Niyothola iSidlo, futhi, lapho impi isiphelile.
. . . umqhele, yebo, siyothwala . . .
Manje ngibuyisela inkonzo kumelusi wenu.
. . . impi isiphelile . . .
UNkulunkulu akubusise.

